


*IsiTatimende soHlelo lweziFundo
lukaZwelonke (uTAHFUZWE)*

*IsiTatimende seNqubomgomo
yoHlelo lweziFundo nokuHlola*



*IsiGaba esiPhakathi neNdawo
AmaBanga 4-6*



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**ISITATIMENDE SENQUBOMGOMO YOHLELO
LOKUFUNDA NOKUHLOLA
AMABANGA 4-6**

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA

DISCLAIMER

In view of the stringent time requirements encountered by the Department of Basic Education to effect the necessary editorial changes and layout to the Curriculum and Assessment Policy Statements and the supplementary policy documents, possible errors may occur in the said documents placed on the official departmental websites.

There may also be vernacular inconsistencies in the language documents at Home-, First and Second Additional Language levels which have been translated in the various African Languages. Please note that the content of the documents translated and versioned in the African Languages are correct as they are based on the English generic language documents at all three language levels to be implemented in all four school phases.

If any editorial, layout or vernacular inconsistencies are detected, the user is kindly requested to bring this to the attention of the Department of Basic Education.

E-mail: capslangcomments@dbe.gov.za or fax (012) 328 9828

Department of Basic Education

222 Struben Street

Private Bag X895

Pretoria 0001

South Africa

Tel: +27 12 357 3000

Fax: +27 12 323 0601

120 Plein Street Private Bag X9023

Cape Town 8000

South Africa

Tel: +27 21 465 1701

Fax: +27 21 461 8110

Website: <http://www.education.gov.za>

© 2011 Department of Basic Education

ISBN: 978-1-4315-0485-5

Design and Layout by: Ndabase Printing Solution

Printed by: Government Printing Works

FOREWORD BY THE MINISTER



Our national curriculum is the culmination of our efforts over a period of seventeen years to transform the curriculum bequeathed to us by apartheid. From the start of democracy we have built our curriculum on the values that inspired our Constitution (Act 108 of 1996). The Preamble to the Constitution states that the aims of the Constitution are to:

- heal the divisions of the past and establish a society based on democratic values, social justice and fundamental human rights;
- improve the quality of life of all citizens and free the potential of each person;
- lay the foundations for a democratic and open society in which government is based on the will of the people and every citizen is equally protected by law; and
- build a united and democratic South Africa able to take its rightful place as a sovereign state in the family of nations.

Education and the curriculum have an important role to play in realising these aims.

In 1997 we introduced outcomes-based education to overcome the curricular divisions of the past, but the experience of implementation prompted a review in 2000. This led to the first curriculum revision: the *Revised National Curriculum Statement Grades R-9* and the *National Curriculum Statement Grades 10-12* (2002).

Ongoing implementation challenges resulted in another review in 2009 and we revised the *Revised National Curriculum Statement* (2002) and the *National Curriculum Statement Grades 10-12* to produce this document.

From 2012 the two National Curriculum Statements, for *Grades R-9* and *Grades 10-12* respectively, are combined in a single document and will simply be known as the *National Curriculum Statement Grades R-12*. The *National Curriculum Statement for Grades R-12* builds on the previous curriculum but also updates it and aims to provide clearer specification of what is to be taught and learnt on a term-by-term basis.

The *National Curriculum Statement Grades R-12* represents a policy statement for learning and teaching in South African schools and comprises of the following:

- (a) Curriculum and Assessment Policy Statements (CAPS) for all approved subjects listed in this document;
- (b) *National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement Grades R-12*; and
- (c) *National Protocol for Assessment Grades R-12*.

A handwritten signature in black ink, which appears to read 'Angie Motshekga'.

MRS ANGIE MOTSHEKGA, MP
MINISTER OF BASIC EDUCATION

OKUQUKETHWE

ISIGABA SOKU-1: ISINGENISO SESITATIMENDE SENQUBOMGOMO YOHLELO LOKUFUNDA NOKUHLOLA.....	3
1.1 Isendlalelo	
1.2 Ukubuka ngamafuphi	3
1.3 Izinhloso ezivamile zohlelo lwezifundo lwaseningizimu afrika	4
1.4 Ukwabiwa kwesikhathi	6
1.4.1 Isigaba esiyisisekelo	6
1.4.2 Isigaba esiphakathi nendawo.....	7
1.4.3 Isigaba esiphakeme	7
1.4.4 Ibanga le-10 kuya kwele-12	8
INGXENYE YESI-2 UKWETHULWA KOLIMI LWESIBILI LOKWENGEZA KUMABANGA AMAPHAKTHI	9
2.1 Izilimi kusitatimende senqubomgomo sokufunda nokuhlola.....	9
2.2 Ukwabiwa kwesikhathi	16
2.3 Izinsizakufunda kanye nezinsizakufundisa ezelekelela ukufunda nokufundisa.....	17
INGXENYE YESI – 3: OKUQUKETHWE NAMASU OKUFUNDISA AMAKHONO OLIMI	18
3.1 Amakhono jikelele, okuqukethwe, nama ^o su	18
3.2 Ukusabalaliswa kwemibhalo kumabanga 4 – 6.....	24
3.3 Izinhlelo zokufundisa.....	29
3.4 Okuqukethwe namasu okufundisa isiNgisi njngolimi lokwengeza lwesibili.....	31
INGXENYE YESI – 4: UKUHLOLA OLIMINI LOKWENGEZA LWESIBILI	89
4.1 Isingeniso	89
4.2 Ukuhlola okungahlelekile noma kwansukuzonke.....	90
4.3 Ukuhlola okuhlelekile	90
4.4 Uhlelo lokuhlola	93
4.4.1 Izidingo jikelele.....	93
4.4.2 Izivivinyo.....	94
4.5 Ukuqopha nokubika.....	94
4.6 Ukuqinisekiswa kwezinga lomsebenzi wokuhlola.....	95
4.7 Okwejwayelekile.....	95
IZINCAZELO ZAMAGAMA.....	96

ISIGABA SOKU-1: ISINGENISO SESITATIMENDE SENQUBOMGOMO YOHLELO LOKUFUNDA NOKUHLOLA

1. 1. ISENDLALELO

IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12 (uTaHFuZwe) sikhombisa inqubomgomo yezinhlelo zezifundo kanye nezokuhlola emkhakheni wokufunda esikoleni.

Ukuze kwenziwe ngcono ukusetshenziswa kwaso, kwadingeka ukuthi kube nezichibiyelo ezithile ezizoqala ukusebenza ngoMasingana ngonyaka wezi-2012. Kwabe sekubhalwa umqulu owodwa odidiyele *IsiTatimende SeNqubomgomo YoHlelo LweziFundo NokuHlola* saleso naleso sifundo, okuwumqulu othatha isikhundla *seziTatimende zesiFundo, umHlahlandlela woHlelo lokuFunda kanye nomHlahlandlela wokuHlola Izifundo eBangeni-R kuya kwele-12*.

1. 2 UKUBUKA NGAMAFUPHI

- (a) *IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12 (kuMasingana ngonyaka wezi-2012)* simela inqubomgomo yokufunda nokufundisa ezikoleni zaseNingizimu Afrika futhi siqukethe lokhu:
 - (i) NesiTatimende seNqubomgomo yoHlelo LweziFundo nokuHlola kuleso naleso sifundo esifundwayo.
 - (ii) Umqulu weNqubomgomo, i-*National Policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12, kanye*
 - (iii) Nomqulu weNqubomgomo, i-*National Protocol for Assessment IBanga-R kuya kwele-12 kuMasingana ngonyaka we-2012*).
- (b) *IsiTatimende SoHlelo LweziFundo LukaZwelonke seBanga-R-12 (kuMasingana 2012), sithatha indawo yeziTatimende zoHlelo LweziFundo lukaZwelonke ezimbili ezikhona njengamanje; okuyilezi*
 - (i) *IsiTatimende soHlelo LweziFundo LukaZwelonke Olubukeziwe IBanga-R kuya kwelesi-9, IGazethi KaHulumeni ye-23406 zingama-31 kuNhlaba ngonyaka wezi -2002 kanye*
 - (ii) *IsiTatimende soHlelo LweziFundo LukaZwelonke IBanga le-10 kuya kwele-12, IGazethi KaHulumeni ye-25545 ziyi-6 kuMfumfu ngonyaka we-2003 neye-27594 ziyi-17 kuNhlaba ngonyaka we-2005.*
- (c) *IsiTatimende soHlelo LweziFundo lukaZwelonke esibekwe sacaciswa esigabeni u-b(i) kanye no- (ii) siqukethe le miqule yenqubomgomo elandelayo esizomiswa ukusetshenziswa kuthi esikhundleni sayo kungene isiTatimende soHlelo LweziFundo IBanga-R kuya kwele -12 kusuka ngonyaka wezi-2012 kuya kowezi-2014:*
 - (i) Isifundo/isiTatimende sesiFundo, umHlahlandlela woHlelo lokuFunda kanye nomHlahlandlela wokuHlola kwesiFundo IBanga-R kuya kwelesi-9 kanye neBanga le-10 kuya kwele -12;
 - (ii) Umqulu wenqubomgomo, i-*National Policy on Assessment and Qualification for Schools in the General Education and Training Band okwashicilelwa kwaba umthetho kuGovernment Notice No. 124 kuGovernment Gazette No. 29626 mhla ziyi-12 kuNhlolanja ngonyaka wezi-2007.*
 - (iii) Umqulu weNqubomgomo, i-*National Senior Certificate: iKhwafikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF)*, elishicilelwa laba semthethweni kuGovernment Gazette No. 27819 mhla zingama- 20 kuNtulikazi ngonyaka wezi-2005;

- (iv) Umqulu weNqubomgomo, *isichibiyelo somqulu wenqubomgomo, weNational Senior Certificate: iKhwalifikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF)*, ukubhekelela izingane ezinezidingo eziyisipesheli, elethulwa kuGovernment Gazette, No. 29466 mhla ziye-11 kuZibandlala ngonyaka wezi-2006, lifakiwe nalo kulo mqulu wenqubomgomo, *i-National Policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12; kanye;*
- (v) Nomqulu wenqubomgomo, *isichibiyelo somqulu wenqubomgomo, weNational Senior Certificate: iKhwalifikheshini yezinga lesi-4 kuNational Qualifications Framework (NQF)*, ukubhekelela i-National Protocol for Assessment (IBanga-R kuya kwele-12), elashicilelwa laba semthethweni kuGovernment Notice No. 1267 kuGovernment Gazette No. 29467 mhla ziye-11 kuZibandlala ngonyaka wezi-2006;
- (d) Umqulu wenqubomgomo, *i-National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12*, kanye nezigaba ezitholakala esiTatimendeni seNqubomgomo soHlelo lweziFundo nokuHlola njengoba kubekiwe ezahlukeni kusuka kwesesi-2, 3 kanye nesesi-4 kulo mqulu kuyingxenywe yemithetho nemigomo yesiTatimende soHlelo lweziFundo IBanga-R kuya kwele-12. Ngelokho-ke, ngokuka Section 6 A weSouth African Schools Act, 1996 (Act No. 84 of 1996,) kwakha isisekelo sokuthi uNgqongqoshe weMfundo esemaZingeni aPhansi akwazi ukunquma imiphumela kanye nemigomo emincane nje okungasukelwa kuyo, kanye nenqubo, nendlela yokwenza ukuhlola kokuphumelela komfundi ukuba kusetshenziswe ezikoleni zomphakathi nalezo ezizimele.

1.3 IZINHLOSO EZIVAMILE ZOHLELO LWEZIFUNDO ZASENINGIZIMU AFRIKA

- (a) *IsiTatimende soHlelo lweziFundo lukaZwelonke IBanga-R kuya kwele-12* sikhombisa lokho okuthathwa ngokuthi kungulwazi, amakhono namagugu adinga ukufundwa ezikoleni zaseNingizimu Afrika. Lolu Hlelo lweziFundo luhlose ukuqinisekisa ukuthi abafundi bathola babuye basebenzise ulwazi namakhono njengendlela ahambisana ngayo nezimpilo zabo. Ngale ndlela uHlelo lweziFundo lukhulisa ulwazi lwezimo abaphila kuzona, babenzwelo kuzibopho zomhlaba jikelele.
- (b) *IsiTatimende SoHlelo lweziFundo LukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12* sihlase lokhu:
- Ukuhlomisa abafundi, noma ngabe bavela kuziphi izimo zenhlalo yomphakathi nezomnotho, ubuzwe, ubulili, ukukwazi ukusebenzisa umzimba nengqondo/ukuhlakanipha, ngolwazi, amasu nokungamagugu adingekayo ukuze bakwazi ukuzenelisa, nokubamba iqhaza elibonakalayo emphakathini njengezakhamuzi zezwe elikhululekile.
 - Ukuvumela abafundi ukuba bangene emikhakheni yemfundo ephakeme.
 - Ukwenza kube lula kubafundi ukwedlulela ezikhungweni zemisebenzi ngemuva kokuqeda esikoleni/ imfundo yamabanga apha kame; kanye
 - Nokwedlulisela kubaqashi ulwazi oluphelele ngamakhono nakwazi ukukwenza ngempumelelo umfundi.
- (c) *IsiTatimende soHlelo lweziFundo lukaZwelonke seBanga-R kuya kwele -12* sesekwe yile migomo elandelayo:
- *Ukuguquka kwezenhlalo yomphakathi;* ukubhekelela ukungalingani kwezemfundo ngesikhathi esedlule ukuze kulungiswe, nokuthi amathuba okufunda alinganayo atholwe yiwo wonke umphakathi;

- *Ukufunda ngokuphapheme nangokuhlolisisa*; ukukhuthaza indlela yokufunda ngokuphapheme nangokuhlolisisa ekufundeni, kunokuthi abafundi bamane bagxishe emakhanda lokho abanikwe khona bebe bengayiqondi incazelo yakho;
 - *Ulwazi oluphakeme namakhono aphakeme*, ubuncane obemukelekile umthetho wokulinganisa ulwazi okumele luzuzwe ebangeni ngalinye kumele bucaciswe, kubekwe nemigomo ephezulu okumele izuzwe kuzo zonke izifundo;
 - *Inqubekela phambili yolwazi*; okuqukethwe nengqikithi yalelo nalelo banga kukhombise inqubekela phambili ukusuka kokulula kuya kokulukhuni.
 - *Amalungelo esintu, ukudidiyela, ubulungiswa bezemvelo nezenhlalo yomphakathi*; ukufaka imigomo nenkambiso yobulungiswa bezemvelo nezenhlalo kanye namalungelo esintu njengoba echaziwe kumThethosisekelo waseNingizimu Afrika. IsiTatimende soHlelo lweziFundo lukaZwelonke seBanga-R kuya kwele-12 (Jikelele) sinozwela ezindabeni zokwehlukahlukana kwesintu njengobuphofu, ukungalingani, ubuzwe, ubulili, ulimi, ubudala nokukhubazeka kanye nezinye izimo;
 - *Ukwazisa ngezinhlelo zolwazi lwendabuko*, ukwazisa ukunotha komlando namasiko aleli zwe, nomthelela obalulekile wokufundisa ngamagugu aqukethwe ngumThethosisekelo okube nawo njengomsuka wenguquko ukusiza ekuguquleni amagugu abafundi; kanye
 - *Nokukholakala, uhlonze kanye nokwenza ngempumelelo*, ukuhlinzeka ngohlobo lwemfundo olungaqhathaniseka ngokuqeqesheka nangazo zonke ezinye izindlela njengakwamanye amazwe.
- (d) Isitatimende Sohlelo LweziFundo Lukazwelonke seBanga-R kuya kwele-12 sihlase ukukhiqiza abafundi abazokwazi:
- Ukubona baxazulule izinkinga, bakwazi nokwenza izinqumo besebenzisa ukucabanga ngokuhlaziya nangobuchule;
 - Ukusebenza ngokuzinikela nabanye njengamalungu eqembu;
 - Ukulungiselela, bakwazi ukuziphatha bona baphathe nemisebenzi yabo ngokuyikho;
 - Ukuqoqa, bahlaziye, bahlele, bahlanganise, bahlolisise ngokucubungula ulwazi.
 - Ukuxoxisana ngempumelelo besebenzisa izinto ezibukwayo, ukufanekisa ngezimpawu kanye namanye amakhono olimi ezimweni ezahlukene;
 - Ukusebenzisa isayensi nobuchwepheshe ngempumelelo nangokuhlolisisa bekhombisa nokuzinikela kwezemvelo kanye nempilo yabanye; kanye
 - Nokukhombisa ukuqondisisa umhlaba njengenkundla yezinhlelo ezihlobene ngokubona ukuthi izimo zokuxazulula izinkinga azenzeki ngazodwana.
- (e) *Ukuhlanganisa izinhlobo zabafundi* yikho okumele kube ngumgogodla wokuhlela, ukulungiselela, nokufundisa kuleso naleso sikole. Lokhu kungenzeka kuphela uma bonke othisha bekuqonda kahle ukuthi bazobabona futhi babasize kanjani abafundi abanezihibe ekufundeni, nokuthi bazokuhlelela kanjani ukwehlukahlukana kwabafundi.

Okusemqoka ngokuhlanganisa izinhlobo zabafundi, ukuqinisekisa ukuthi zonke izithiyo ziyabonwa zigudluzwe ngayo yonke indlela ezikoleni, kumbandakanya othisha, amakomidi asemahhovisi ezemfundo, amakomidi ezikoleni, abazali kanye nezikole ezikhethekile ezisetshenziswa njengemithombo yolwazi. Ukugudluzwa izithiyo emakilasini, othisha bangasebenzisa amaqhinga ahlukeni ezinhlelo zezifundo njengalezo ezitholakala eMnyangweni wezeMfundo eyisisekelo: *Guidelines for Inclusive Teaching and Learning (2010)*.

1.4 UKWABIWA KWESIKHATHI

1.4.1 IsiGaba esiyisiSekelo

- (a) Isikhathi sokufundisa emkhakheni weSigaba Esiyisekelo sinjengoba sikhonjisiwe kuleli thebula elingezansi:

ISIFUNDO	IBANGA-R (AMAHORA)	IBANGA LOKU-1 KUYA KWELESI-2 (AMAHORA)	IBANGA LESI-3 (AMAHORA)
ULimi lwaseKhaya	10	7/8	7/8
ULimi lokuQala lokwEngeza		2/3	3/4
Izibalo	7	7	7
Amakhono Empilo:	6	6	7
• Ulwazi lokuqala	(1)	(1)	(2)
• Ubuciko bokusungula	(2)	(2)	(2)
• Isifundo sokuzivocavoca	(2)	(2)	(2)
• Okuqondene nomuntu uqobo kanye nokuphila emphakathini	(1)	(1)	(1)
ISAMBA	23	23	25

- (b) Isikhathi sokufundisa seBanga-R, 1 neBanga lesi-2, amahora angama-23 kuthi IBanga lesi-3 kube ngamahora angama-25.
- (c) Izilimi zabelwe amahora ayi-10 eBangeni-R kuya kwelesi-2 kanye namahora ayi-11 eBangeni lesi-3. Isibalo esiphezulu samahora ayisi-8 nesibalo esiphansi esingamahora ayi-7 sabelwe ULimi lwaseKhaya kanye nesibalo esiphansi esingamahora ama-2 nesibalo esiphezulu esingamahora ama-3 soLimi lokuQala lokwEngeza eBangeni loku-1 kuya kwelesi-2. EBangeni lesi-3 isibalo esiphezulu esingamahora ayisi-8 nobuncane obungamahora ayisi-7 sabelwe iziLimi zaseKhaya kanye nobuncane obungamahora ama-3 nobuningi obungamahora ama-4 oLimini lokuQala lokwEngeza.
- (d) Esifundweni samakhono olwazi lokuqala, kwabiwe Ihora eli-1 eBangeni-R kuya kwelesi-2 kanye namahora ama-2 njengoba kukhonjisiwe ngamahora akubakaki ethebulini eBangeni lesi-3:

1. 4. 2 IsiGaba esiPhakathi neNdawo (iBanga lesi- 4 kuya kwelesi-6)

Leli thebula elingezansi likhombisa izifundo nesikhathi sokufundisa esibekiwe sesigaba esiphakathi nendawo:

ISIFUNDO	AMAHORA
ULimi lwaseKhaya	6
ULimi lokuQala lokwEngeza	5
Izibalo	6
Isayensi nobuchwepheshe	3, 5
Isayensi yezokuhlalisana kwabantu	3
Amakhono Empilo	4
• Ubuciko bokusungula	(1. 5)
• Isifundo sokuvocavoca umzimba	(1)
• Okuqondene nomuntu uqobo kanye nokuphila emphakathini	(1. 5)
ISAMBA	27, 5

1. 4. 3 IsiGaba esiPhakeme

(a) Isikhathi sokufundisa IsiGaba EsiPhakeme simi ngale ndlela:

ISIFUNDO	AMAHORA
ULimi LwaseKhaya	5
ULimi lokuQala lokwEngeza	4
Izibalo	4. 5
Isayensi yezemvelo	3
Isayensi yokuhlalisana komphakathi	3
Ezobuchwepheshe	2
Isayensi yokuphathwa komnotho	2
Ukwazi ngamakhono empilo	2
Ubuciko bokusungula	2
ISAMBA	27, 5

1. 4. 4 IBanga le-10 kuya kwele-12

(a) Isikhathi sokufundisa eBangeni le 10 kuya kwele-12 simi ngale ndlela:

ISIFUNDO	UKWABIWA KWESIKHATHI NGESONTO (AMAHORA)
ULimi LwaseKhaya	4. 5
ULimi lokuQala lokwEngeza	4. 5
Izibalo	4. 5
Ukwazi amakhono empilo	2
Okungenani kungakhethwa izifundo ezintathu eqoqweni B Isengezelelo B, Ithebula B1 kuya ku-B8 kumqulu wenqubomgomo, <i>National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement IBanga-R kuya kwele-12</i> , isifundo ngenkombandlela ebhalwe esigabeni sama-28 kumqulu weNqubomgomo obhalwe ngenhla.	12 (3xAmahora ama-4)
ISAMBA	27, 5

Ukwabiwa kwesikhathi ngesonto kungasetshenziswa kuphela esibalweni esiphansi esidingekayo sezifundo zesiTatimende soHlelo LweziFundo lukaZwelonke (TAHFUZE) njengoba kukhonjisiwe ngenhla, akumele kusetshenziswe kunoma yiziphi izifundo ezengeziwe ohlwini lwenani lezifundo ezivunyelwe. Uma umfundi efisa ukwengeza ezinye izifundo, isikhathi kumele sandiswe ukwenelisa lezo zifundo.

INGXENYE YESI - 2: UKWETHULWA KOLIMI LOKWENGEZA LWESIBILI KUMABANGA AMAPHAKATHI

2.1 IZILIMI ESITATIMENDENI SENQUBOMGOMO YOHLELO LWEZIFUNDO NOKUHLOLA

Ulimi isikhali semicabango nokuxhumana. Iphinde ibe wumnyombo wesiko esho okuthile okwenziwa ngendlela efanayo phakathi kwabantu kwakha ukuqonda kangcono umhlaba abaphila kuwo. Ukufunda ukusebenzisa ulimi ngokuyimpumelelo kwenza abafundi ukuthola ulwazi, ukuchaza ubuzwe, imizwa nemibono, ukuhlangana nabanye, nokulawula umhlaba wabo. Liphinde lunikeze abafundi inhlangothi yezimpawu ezinithile, ezinamandla nezijulile zemifanekiso nemibono engasetshenziswa ukwakha umhlaba ukunaloku oyiko; ongcono nocacile ukunokuyiko. Kwenzeka ngokusebenza kolimi ukwehluka kwamasiko nokuxhumama komphakathi kuvele kuphindekwakheke, kanti kwenzeka ngokusebenza kolimi ukuthi ukwakheka kubuye kuchibiyelwe, kubebanzi kubuye kucoliseke.

2.1.1 Amazinga olimi

Ukufundwa kwezilimi emazingeni aphakathi kufaka lezizilimi ezigunyaziwe eNingizimu Afrika, ezilandelayo, Afrikaans, English, isiNdebele, isiXhosa, isiZulu, Sepedi (Sesotho sa Leboa), Sesotho, Setswana, Siswati, Tshivenda, Xitsonga – kanye nezingagunyaziwe. Lezizilimi zingenziwa emazingeni ehlukele.

Ulimi Lwasekhaya ulimi abafundi abalufunda kuqala emakhaya ngokungungwa abantu abakhuluma lolo limi, ulimi abafunda ngalo ukucabanga. ULimi Lwasekhaya lubuye lubizwe ngoLimi Lwebale. Izinga lolimi lokuqala kufanele libe sezingeni lokuthi kungafundiswa ngalo. Ukulalela, okukhuluma kanye namasu okusetshenziswa kolimi ayothuthukiswa aphucukiswe kodwa kugcizelelwe kakhulu Esigabeni Esiphakathi Semfundo lapho amakhono abafundi okufunda nawokubhala ayothuthukiswa khona. Ithebula elingezansi likhombisa amakhono abalulekile ohlelweni lwezifundo zoLimi Lwasekhaya.

Izinga loLimi lwaseKhaya linikeza ukusebenza kolimi okuveza isisekelo samakhono okuxhumana adingekayo ezimweni zenhlalo nasemakhonweni okufunda ngokomqondo adingekayo ekufundeni kulolonke uhlelo lwezifundo. Ukugcizelela kubekwa kakhulu ekufundiseni amakhono okulalela, okukhuluma, okufunda nokubhala kulamazinga. Lelizinga linikeza ukukwazi ukuqamba, ubuhle nemicabango okuzobanika ikhono lokuphinda kuqanjwe, ukufanekisa, nokwandisa ulwazi lomhlaba wabo abaphila kuwo. Noma kunjalo, ukugcizelelwa nokunikezwa isisindo sokuLalela, nokuKhuluma kusukela eBangeni lesi-7 kunyaka siyehla ukaleso esinikezwa amakhono okufunda nokubhala.

Izinga loLimi Lokuqala Lokwengeza lususelwa olimini okungelona ulimi lwebale kodwa olusetshenziselwa imicimbi ethile yokuxhumana emphakathini, okusho indlela yokufunda elandelayo emfundweni. Izinhlelo zezifundo zinikeza ukwesekela okuqinile kulabo bafundi abazosebenzisa ulimi lwabo lokwengeza lokuqala njengolimi lokufunda nokufundisa. Ngasekupheleni kweBanga lesi-9, abafundi kumele ukuba sebekwazi ukusebenzisa ulimi lwasekhaya kanye nolimi lokuqala lokwengeza ngempumelelo nangokuzethemba ezinhlosweni ezehlukene okufaka kuzo nokubhala.

EmaBangeni aphakathi nasemaBangeni aphezulu, abafundi baqinisa amakhono okulalela, okukhuluma, okufunda nokubhala. Kulelizinga abafundi abaningi bafunda kusetshenziswa uLimi Lokuqala Lokwengeza, okuyi-English nokufanele bathole ithuba lokulisebenzisa kakhulu. Ngakhoke ukugcizelela okukhulu kubhekiswe ekusebenziseni uLimi Lokuqala Lokwengeza ngenhloso yokugcizelela ukucabanga nokucabangisisa. Loku kusimamisa amakhono okufunda ngokomqondo, okudingeka ngako ukuba kufundwe izifundo ezifana ne-Sc ience kanye ne-English. Baphinde bazimbandakanye ekusimamiseni ikhono lokucabanga ngobuhle oLimini Lokwengeza.

Ngesikhathi laba bafundi befika ezingeni eliphakeme, kumele bebe sebelukhuluma kahle uLimini lokuQala lokwEngeza lapho bexhumana nabanye kanye nasemakhonweni okuhlakanipha emfundo. Nokho-ke okuhlalukayo, ukuthi kuleli zinga baningi abafundi abasuke bengakakwazi ukusebenzisa uLimi lokuQala lokwEngeza ekuxhumaneni ngempumelelo. Inselelo yeZinga eliphakeme ukuthi laba bafundi balekelelwe futhi kuphinde kwethulwe uhlelo lokubeseke, ukuze bakwazi ukufinyelela emazingeni adingeka eBangeni le-9 Lawo mazinga kumele kube yilawo angenza ukuthi abafundi bakwazi ukusebenzisa uLimi lokuQala lokwEngeza ngempumelelo ezingeni eliphezulu lokukhuluma ngenhloso yokubalungiselela imfundo ephakeme noma izikhungo zemisebenzi.

2.1.1.1 izinhloso ngqangi zokufundiswa kolimi lokwengeza lwesibili

Ukufundwa kolimi lokwengeza lwesibili kufanele kusize abafundi kulokhu:

- Ukuthola amakhono olimi ukuze bakwazi ukuxhumana ngendlela ngolimi kodwa ezingeni eliyisisekelo solimi;
- Ukulalela, ukukhuluma, ukufunda/ukubuka nokubhala ulimi ngokuzethemba nangokulujabulela. Lamakhono nesimo kwenza isisekelo sokufunda okungapheli;
- Khombisa, ngomlomo nangokubhala, ngemizwa ukuze ukhululeke ngolimi lolo;
- Sebenzisa ulimi nemicabango ukuthola/ukufunda kabanzi nagwe namasiko ehlukeni kanye nangomhlaba/indawo abazithola kuyo/abahlala kuyo;
- Sebeznisa ulimi ukuthola nokugcina ukuxhumana ngengqikithi. Ulwazi lolimi luyikhono elibalulekile futhi lwakha nesisekelo sokufunda;
- Sebenzisa ulimi njengendlela yokunikeza ulwazi ngezihloko ezejwayelekile; ukukhuluma ngezingqikithi ezejwayelekile; kanye nokufunda umbhalo ukuze uzijabulise, ulwazi oluyisisekelo kanye nokuxhumana.

2.1.1.2 Ukufundisa ulimi lokwengeza lwesibili

Ukuze ukwazi ukufunda ulimi lokwengeza kahle, kufanele uzejwayeze lona kakhulu ukuze ukwazi ukulakha nokulukhuluma. Othisha kufanele baqinisekise ukuthi abafundi bayalulalela babuye balufunde futhi lolimi lokwengeza ngesikhathi esibekelwe lona ngezizathu ezahlukeni. abafundi badinga amathuba okulalela ulimi lokwengeza ukuthola ulwazi nokuluqonda (isib. inkulumompikiswano) nokuzijabulisa ngalo (isib. iculo). okubaluleke kakhulu, badinga amathuba okulufunda nokulubuka ulimi lokwengeza ukuze bathole ulwazi (isib. imiyalelo yokwenza itiyi), ukuzijabulisa (isib. indaba elula). Uphenyo luyakhombisa ukuthi indlela engcono yokuthuthukisa ulwazimagama olubanzi ukuthi kufundwe imibhalo efanele. Kubaluleke kakhulu ukuthi imibhalo ekhulunywa ngomlomo, ekubhalwayo kanye nekubukwayo iba sezingeni elifanele labafundi. Uma imibhalo inzima kakhulu, abafundi bazodikibala kungabe kusaba nokufunda, uma futhi ilula kakhulu, angeke kube nenselelo kubafundi kanjalo bazofunda okuncane kakhulu. Indima edlalwa uthisha ofundisa ulimi yile yokuthi aqinisekise ukuthi numbhalo usezingeni lalowomfundi. Kumabanga amaphakathi, abafundi kufanele balalele babuye bafunde imibhalo esezingeni lokuthuthuka kwamakhono olimi.

Abafundi nabo kufanele balusebenzise njalo ulimi lokwengeza. Badinga amathuba okululalela, ukulukhuluma, ulufunda kuthi, kancane, balubhale ulimi lokwengeza ukuzithuthukisa (isib. inkulumompikiswano), ukuthutkisa ikhono lokuqamba (isib. ukucula iculo, ukulingisa, njll), ukuthutkisa amakhono okuxhumana (isib. ukuveza umbono, imihlangano nokubingelela).

Abafundi kufanele baqonde inhloso yokulukhuluma. Kuwona wonke amabanga amaphakathi, abafundi kufanele benze umsebenzi ngolomo ohambisana nokuthuthuka kwabo kumakhono olimi. Kubalulekile ukuthi abafundi bathola umbiko njalo ngesikhathi ngemisebenzi yabo eyenziwa ngomlomo ukuze bazi ukuthi bazithuthukisa kuphi

kanjani. Indima ebalulekile kathisha wolimi ukunikeza umbiko osezingeni eliphezulu, okuyikhona okuyingqikithi yokuhlola okuhle.

Abafundi nabo kufanele bazi okuyisisekelo solimi: uhlelo, ulwazimagama, isipelingi kanye nezimpawu zokubhala. Ngokwejoyalekile, othisha basebenza ngazo lezinto zolimi ngokwengqikithi. Isib. bangenza abafundi bazi ngokwakheka nezimpawu ezisetshenziswe uma kunikwa izinkombandlela (imiyalelo esetshenzisiwe). Kunendawo futhi yokufundisa okuyisisekelo ngqo/ngendlela ezwakalayo kanye namathuba okuzilolonga.

Uma kuhlelwa imisebenzi yomjikelelzo wamasonto amabili, othisha kufanele basebenzise amakhono olimi. Kanye nesisekelo solimi. Kufanele bakhethe inhlobo yombhalo noma isihloko/indikimba ezothandwa abafundi; abafundi angeke bakwazi ukufunda uma bengakhuthazwa noma babambe iqhaza. Isib. isihloko semishwana/semisho okungaba “isikole sami”. Othisha bangethula isihloko ngokuthi abafundi balalele/bafunde, bakhe ulimi nolwazi lolwazimagama oludingekayo uma kukhulunywa. Isib. abafundi bangafunda umbhalo omfishane bethula ulwazimagama nokwakheka kolimi. Uma abafundi sebelwejoyalele ulimi oludingekayo lwesihloko, bangabhala imishwana/imisho. Lokhu kuzonikeza amathuba amaningi okusebenza ngolimi.

Othisha kumele banikeze umphumela njalo nje babuye babnikeze uhlobo olufanele lwemisebenzi ekugcineni.

- Kumabanga 4 – 6, nakhu okubalulekile:
- Akugxilwe kakhulu ekukhulumeni nasekulaleleni.
- Akube noxhaso oluqhubekayo ukuthuthukisa ulwazimagama, imisho nokwakhiwa kwezigaba, nohlelo ngokwengqikithi.
- Abafundi absebenze ngezinhlobo ezahlukeni zemibhalo, kufaka imibhalo enemifanekiso. Lemibhalo iya ngokuqina uma beqhubeka namabanga abo.

2.1.2 Amakhono olimi

Inqubo yokufunda lolimi lwasekhaya kubekwe njengoba kulandela:

1	Ukulalela nokukhuluma
2	Ukufunda nokubukela
3	Ukubhala nokwethula
4	Izakhiwo nezimiso zolimi

UkuLalela nokuKhuluma

Ukulalela nokukhuluma kuyinsika yokufunda kuzo zonke izifundo. Ngokulalela nokukhuluma okuyimpumelelo, abafundi baqoqa ulwazi baluhlanganise bazakhele imiqondo baxazulule izinkinga baveze imibono. Amakhono okulalela nokucophelela asiza abafundi ukuthola okungamagugu nendlela yokubuka izinto eziqikethwe embhalweni kanye nokufaka nezinsalele nolimi olukhohlisayo.

Ezingeni eliphakathi, **uLimi lokwengeza lwesibili** luzosebenzisa amakhono okukhuluma ukuze bakhulume baphinde bakhulume ngokushiwoyo. Bazokwakhela emakhonweni athuthukiswe emazingeni aphantsi ukuze bakwazi ukugcina inkulamo enjani, izingxoxo nokuthulwa ngomlomo okufishane.

Kulelizinga, ulimi olukhulunywa abafundi kusafanele luthi ukuzimeleliswa (isib. Lulolongwe bese lisekelwa, isibonelo, ngohlaka lolwazimagama nemisho). Uthisha udinga ukwenza isiqiniseko sokuthi bonke abafundi bathola amathuba okukhuluma izilimi zabo zasekhaya. Ngoba abafundi banganenqubekela phambili emazingeni angafani, uthisha

kufanele ake amathuba okukhuluma (isib. Imibuzo ayibuzayo) ibesezingeni lomfundi ngamunye. Njengoba umfundi eqhubeka namabanga, uthisha kumele alindele ukuba abafundi bakhulume kakhulu namagama abawashoyo abe made. Abafundi bazodlulisela amakhono ezilimini zabo zokwengeza.

Isikhathi sokufundisa kufanele sifake umsebenzi omfishane wansukuzonke wokulalela nokukhuluma kanye nemisebenzi egxilile emide yesonto lonke.

Kumabanga 4- 6, othisha kumele bahlukanise umsebenzi wokulalela ngezigaba ezintathu:

- **Ukulungiselela ukulalela:** lokhu kulungiselela abafundi ukuthi bakwazi ukulalela umbhalo okhulunywa ngomlomo ongolimi lokwengeza. Isib, uthisha angasebenzisa umbhalo onemifanekiso bese ebuza imibuzo eyejwayelekile, kugxilwe kakhulu kwimibuzo edinga ukuthi abafundi balalele umbhalo/indaba abayizwa okokuqala.
- **Ngesikhathi belalele:** kuyinto enhle ukuthi uthisha afunde umbhalo/indaba izikhathi eziningi abafundi belalele, abuze imibuzo ehlukahlukene ngesikhathi. Kuyasiza ukwedlulela emibuzweni eyenza abafundi banikeze izimpendulo ezineminingwane. Lokhu kuthuthukisa amasu abafundi okulalela.
- **Emumva kokulalela:** abafundi baphendula imibuzo eqhubekayo, babuke futhi amanothi, basebenzise ulwazi (isib.ukulebula isithombe).

Ukukhuluma kwenzeka ngendlela engahlelekanga ekilasini, isib.ukusebenza ngamaqembu. Abafundi bayasidinga isikhathi sokuzilolongela ingxoxo engahleliwe abangaba nayo ngaphandle kwasekilasini. Othisha kufanele banikeze imiyalelo kwinkulamo ehleliwe kanye nokuyethula; isib.ehleliwe, ukufunda kuzwakale, nokunye. Lokhu kudinga izitebhu ezimbili:

- Ukulungiselela nokuhlela imiqondo kanye nolwazi
- Ukuzilongela nokwethula:ukukhombisa ukuqwashiseka ngabalaleli nangengqikithi; ukusetshenziswa kolimi ngendlela efanele nengenaphuta, ukwethula ngokukhululeka, ukusetshenziswa kwamasu ngomlomo nangezandla, njll.

Ukufunda nokubukela

Amakhono okufunda nokubukela abalulekile ekufundeni kulona lonke inqubo yokufunda, kanye nokubamba iqhaza ngokuphelele emphakathini, emsebenzini. Abafundi bathuthukisa amakhono okufunda ngemibhalo eyejwayelekile, kufaka nemibhalo enemifanekiso, ukuze bathole ulwazi.

Uma kunesidingo, sebenzisa indlela yokufunda ngokuhlanganyela ekuqaleni kwebanga lesi 4 ukuhola kahle abafundi baze bazofika kulelizinga. Lendlela ingasetshenziswa ngokuphindelela uma kunezincwadi ezanele ezikulelizinga. lokhu kungashintshaniswa nokuxoxa indaba. Uma izincwadi ezikulelizinga zingekho, sebenzisa imibhalo etholakala encwadini yokufunda. Sebenzisa izindlela ezifana nalezo zokufundela ikilasi noma ufunde nalo.

Sebenzisa indlela yokufunda ngokuholwa/ngayedwa/ngababili, kancane kancane uholele abafundi ekutheni bakwazi ukufunda ngayedwa. Ukufunda ngayedwa okubekiwe/okunqunyelwe kufanele kulandelwe nesikhathi esibekelwe lokho saziwe/sisetshenziswe gqugquzela abafundi ukuthi bafunde ngayedwa besebenzisa isikhathi abasitholayo.

Hlela umsebenzi wolwazi ukuqinisekisa ukuthi abafundi bayakuqonda abakufundayo.

Inqubo yokufunda

Ukwethulwa kohlelo lokufunda kunesandulela kufunda, ukufunda kanye nokufunda kwakamuva. Imisebenzi uthisha anagasiza ngayo abafundi, kafushane ingabekwa kanje:

Ukulungiselela ukufunda:

- Ukuvuselela ulwazi lwangaphambili nokwenza uxhumano ngalo nalokho okusha.
- Ukubheka isisusa, umlobi, usuku umbhalo owethulwa ngalo kanye nenhlobo yombhalo.
- Ukubheka ngokushesha/ukuthi halamuzi isigaba sokuqala sengxenywe – wakha okungahle kulindelwe.

Ukufunda:

- Funda udamane uma ukwenzela ukuhlola ukuthi uyayiqonda lento ayifundayo nanokuthi ikwazi ukuhlala emqondweni
- Sebenzisa indikimba ukuthola incazelo yamagama angaziwa, uma kungenzeki, sebenzisa isichazamazwi
- Yakha umfanekiso walokho okufundwayo
- Qhubeka ufunde nanoma ezinye izingxenywe zingezwakali ziyindida.
- Phinda futhi uyifunde ingxenywe uma ukuze bayiqonde kahle. Phinda ufunde kuzwakale izingxenywe ezididayo, ngokungajahi, noma kokubili.
- Cela omunye akusize ukuze uyiqonde ingxenywe enzima
- Hlanganisa amamaki okufunda namanye amaphuzu
- Khuluma ngalokho okufundwayo

Emumva kokufunda:

- Uma kunesidingo sokukhumbula ulwazi oluthile, veza imibono ebalulekile kanye neminingwane embalwa eyelekelelayo
- Bhala amagama amqoka ukucacisa kanye nokukhumbula imibono evelele
- Cabanga ngemibuzo emisha esihlokwini
- Ukuqonda – qinisekisa umbhalo ngokuthi uwuqonde
- Yelula ukucabanga – sebenzisa imibono etholakala embhalweni

Ukubhala nokwethula

Ukubhala: yithulusi elinamandla lokuxhumana elivumela abafundi ukuthi bakwazi ukuxhumana nokwakha imiqondo nemibono ngokufanele. Ukuzilolonga njalo ngokubhala ngemibhalo eyahlukene eyejwayelekile, amathaski nezifundo kwenza abafundi bakwazi ukuxhumana ngokomsebenzi nangokuziqablela. Inhlalo ukwethula amakhono okubhala ukuthuthukisa nokwethula imibhalo ofanele wokubhalwa. Kumabanga amaphakathi, **ulimi lokwengeza lwesibili abafundi** bazodinga ukwelekelelwa ngokucophelela babuye baholwe ukuthuthukisa amakhono okubhala.

Ukubhala kubalulekile ngoba kuphoqelela abafundi ukuthi bacabange ngohlelo nesipelingi. Lokhu kugqogqezela abafundi ukuthi baluhlele ulimi, basheshe bafunde ulimi ngokucophelela. Abafundi bazofunda ukubhala imibhalo eyahlukene abayiqambile kanye neyolwazi, baqala ngokusebenzisa uhlaka lokubhala ukwelekelela, kancane kancane bafunde ukubhala umbhalo othile ngokuzimela.

Babuye basebenzise inqubo yokubhala ukukhiqiza imibhalo ehlelekile, nenohlelo olulungile.

Inqubo yokubhala elandelwayo

- Ukubhala nokuqamba imibhalo uhlelo olufaka lezizigaba ezilandelayo:
- Ukulungiselela ukubhala/ukuhlela
- Ukubhala kokuqala
- Ukubukeza, ukulungisa amaphutha , ukufunda ukuze uqinisekise
- Ukwethula

Abafundi badinga ithuba lokuzilolonga ngalohlelo kanti kufanele:

- Bakhethe injongo nabantu abababhalelayo kanye nezibukeli ukuze kakhethe umbhalo abangahlelawubhale;
- Babeka imibono besebenzisa, isib.izinhla, imiqondomdwebo, namashadi;
- Funda imibhalo efanele, khetha ulwazi olufanele bese uhlela imibono;
- Khiqiza umbhalo wokuqala ofaka inhloso, izibukeli, isihloko nesimo sombhalo
- Funda umbhalo wokuqala bese uthola imibono yabanye (abalingani bakho bekilasi noma uthisha);
- Lungisa amaphutha ubuye ufunde ukuqinisekisa umbhalo wokuqala; bese
- Ukukhiqiza umsebenzi ohlanzekile, obonakayo noedithiwe.

Izakhiwo nezimiso zolimi

Ulwazi oluhle lohlu lwamagama nohlelo lolimi luhlinzeka ngesisekelelo sokuthuthukiswa kwamakhono (ukulalela, ukukhuluma, ukufunda nokubhala) oLimini Lokuqala Olungeziwe EZingeni Eliphakathi abafundi bazokwakhela kusisekelo esibekwe amaBangeni R ukuya ku-3.

Ngokusebenzisa imibhalo ehlukeni abafundi belula ukusetshenziswa kohlu lwamagama kanye nokusebenzisa kahle ukuqonda **ukwakheka kolimi**. EZingeni Eliphakathi, abafundi boLimi Lokuqala Olwengeziwe bazoqaphela kakhudlwana amagama kanye nokwakhiwa kolimi abakwazela eZingeni Eliyisisekelo, bahlolisise indlela ulimi olungeziwe elisebenza ngayo futhi balusebenzise ngokuqonda, futhi basebenzise lokhu ukwakha lokuhlola ukusetshenziswa kolimi lwabo, ikakhulukazi uma bebhala.

Abafundi bazokuhlola ukuthi **ulimi lusetshenziswa kanjani**, futhi bazakhele ulimi oluhlanganelwe lokukhuluma ngolimi ('ulimi lolimi'/'ulimi oluchaza ulimi'), bahlola imibhalo yabo neyabanye bajule ngokomqondo, ukuphumelela nokushaya emhlohlweni. Bazokwazi ukusebenzisa lolu ulwazi ukulinga ulimi ukwakha umqondo (oqhamuka eezingeni legama nelomusho ukuya embhalweni wonke), futhi babone ukuthi uhlobana kanjani umbhalo nendikimba yawo.

Kulindelekile ukuthi ukwakheka nokusetshenziswa kolimi kuzofundiswa ngokwendikimba njengoba kufundiswa futhi kuthuthukiswe amanye amakhono olimi. Kodwa-ke, esiBangeni Eliphakathi, imizuzu engamashumi amathathu ibekwe eceleni ukufundisa ngayo okuhleliwe kanye nokulolonga ukwakheka nokusetshenziswa kolimi. Izinhlelo zokufundisa ziqukethe uhlu lwezinto okufanele zifundiswe ebangeni ngalinye. Lezi zinto zifakwe ohlwini ekuqaleni kwalelo nalelo

themu. Uma kukhethwa imibhalo ngokulalela nokukhuluma ukhethelwa umjikelo ngamunye wamasonto amabili, qinisekisa ukuthi iqukethe okunye kwezinto zolimi ofuna ukuzifundisa ngalelo themu. Yenza imisebenzi emayelana nale mibhalo ezovumela abafundi ukuba basebenzise lezi zinto, endikimbeni. Ngokunjalo, imibhalo yokubhala abafundi abazoyibhalo izombandakanya izintozolimi. Khokhelaabafundi bakho ngokusetshenziswa ngendlela nangemfanelo kwalezi zinto. Khetha ezinye zezinto abafundi bakho abazithola zinzima futhi balolonge ngokuhleliwe (kule mizuzu engemashumi amathathu ngeviki ebekelwe eceleni ukwenza lokhu).

2.1.3 Izindlela yokufundisa ulimi

Izindlela zokufundisa ulimi kulezizincwadi kugxile embhalweni, ngokuxhumana, ukufunda ngokudidyela.

Indlela egxile embhalweni neyokuxhumana zonmbili zincike ekukhizweni nasekusetshenzisweni okuqhubekayo kwemibhalo.

Indlela egxile embhalweni ifundisa abafundi ukuncintisana, ukuzethemba nokuba abafundi ababalulekile, ababhali, izibukeli, nababhali bemibhalo. Kufaka ukulalela, ukufunda, ukubukelanokuqonda imibhalo. Imibhalo eyiqinisoyiyona eyisizinda solwazi, sokuxhumana, ukufunda okuhlanganyelayo/okuhlanganisiwe nokufundiswa kwezilimi. Indlela egxile embhalweni ifaka ukukhiqizwa kwezinhlobo ezahlukene zemibhaloelula yezinhloso ezithile.

Indlela yokuxhumana iphakamisa ukuthi abafundi kufanele babe nolwazi olwanele ekufundeni ulimi oluhlosiwe namathuba amaningi okuzilolonga ukufunda ulimi. Abafundi bafunda ukufunda ngokuthi bafunde babuye bafunde nokubhala ngokuthi ibe mining imisebenzi yokubhala.

Indlela yohlelo isetshenziswa uma abafundi bekhqiza imibhalo ngomlomo nangokuyibhala. Abafundi benza izigaba ezahlukene zokulalela, zokukhuluma, zokufunda kanye nezinhlalo zokubhala. Kufanele bacange ngabalandeli nenhloso. Lokhu kuzobenza bakwazi ukuxhumana nokuveza abakucabangayo ngokwemvelo. Isib. ukufundiswa kokubhala akugxili emkhizweni kuphela kodwa nakwihloso nohlelo lokubhala. Ngesikhathi sohlelo lokubhala, abafundi bafundiswa ukuthi bangyenze kanjani imibono, ukucabanga ngenhloso kanye nezibukeli, ukubhala umbhalo wokuqala, ukulungisa amaphutha umsebenzi wabo, nokwethula umkhizozo obhaliwe oxhumanisa imicabango yabo.

Izindlela zokufundisa imibhalo/ukusebenza ngemibhalo

Isizathu esikhulu sokufundisa umbhalo ekilasini ukwenza amathuba okusebenzisa amakhono olimi afundiwe. Ukufundiswa kwemibhalo akuyona into elula, kodwa kuyize ngaphandle kwemicabango nokwethembeka ekuhumusheni nasekuphawuleni kwabafundi uqobo. Ngaphandle kokuthi bafunde ukuthi bangayiqonda kanjani imibhalo ngokwabo, angeke bafunde lutho.

Izinhlalo zokufundisa imibhalo zifaka okunye noma konke lokhu okulandelayo:

- Zama ukufunda yonke imibhalo ekilasini ngaphandle kokuphazamisa eminye imisebenzi. kubalulekile ukuthi abafundi babe nemibono ecacile ngokwenzekayo ngokwezinga eliphansi lombhalo. Funda imibhalo eminingi ekilasini, qinisekisa ukuthi abafundi bayazifunda nezinkondlo.
- Imisebenzi ebhalwayo efuna ukuqonda okuyisiekelo kombhalo ofundiwe kungabasiza ukuthuthukisa amazing amakhono olimi nokunconywa kwalawo asebewatholile. Ingxoxo yekilasi nayo ingabasisa uma bonke abafundi bebamba iqhaza futhi iholela kulokho okubhalwayo.
- Okokugcina, ukusebenza ngemibhalo kufanele kwenziwe ngokubambisana ninonke.

Lokhu okulandelayo izinhlobo zemimibhalo ezingqiwe etholakala kumabanga amaphakathi nokusetshenziswa kolimi okuthatwe kulezinhlobo zemibhalo. Lolwazi luzosiza ekuhloleni kwemisebenzi yemibhalo eyahlukene ukuze abafundi bakwazi ukubamba iqhaza. Khetha okumbalwa ukuze ukwazi ukunikeza umfundi ngamunye isikhathi sokumsiza uma ufundisa lezinhlobo zemibhalo.

2.2 UKWABIWA KWESIKHATHI

Isikhathi sokufundisa ulimi lwesibili lokwengeza esinconyiwe kumabanga amaphakathi yihora nohhafu ngesonto. Konke okuqukethwe olimini kunikeziwe ngomjikelezo wamasonto amabili (amahora ama – 3). Ukwabiwa kwesikhathi kwamakhono ehlukeni kuphakanyiswe kanje:

Amakhono	Ukwabiwa kwesikhathi ngesonto (amahora)	Ukwabiwa kwesikhathi ngomjikelezo wamasonto amabili (amaminithi)	%
Ukulalela nokukhuluma	1.5	75	40
Ukufunda nokubukela: isifundo sokuqondisisa nombhalo		55	30
Ukubhala nokwethula		35	20
Izakhiwo nezimiso zolimi (lokhu kuhlenganiswe ndawonye kumakhono ama-4)		15	10
Isamba		180 (amahora ama – 3)	100

2.3 IZINSIZAKUFUNDA KANYE NEZINSIZAKUFUNDISA EZELEKELELA UKUFUNDA NOKUFUNDISA

- Umfundi ngamunye kufanele abe nalokhu:
 - a) Incwadi yokufunda evumelekile
 - b) Incwadi yokufunda/incwadi yokufunda enalokhu/izinhlobo zemibhalo:
 - Izindaba
 - Izinkondlo
 - Imibhalo yolwazi
 - Imibhalo yezehlalakahle
 - c) Isichazamazwi noma uhlu lwamagama
 - d) Ukutholakala kezincwadi zokufunda ukuze onke amazing anakekeklwe, isib. izincwadi zokufunda ezinezindaba ezanele noma imibhalo eyanele futhi esezingeni lekilasi nelsikole.
 - e) Imibhalo yokufunda ngokuhlanganyela ebangeni lesi – 4. Lokhu kungaba zincwadi noma imibhalo ekhulisiwe noma incwadi evunyelwe noma izincwadi zokufunda.
- Uthisha kumele abe nalokhu:
 - a) Usomqulu ka-CAPS
 - b) Inqubomgomo yolimi (LiEP)
 - c) Izincwadi zokufunda zolimi ezisetshenziswa abafundi nezinye izinsiakufundisa ngenhloso yokwengeza kulezo ezivunyelwe
 - d) Incwadi yokufunda/izincwadi zokufunda ezinezinhlobo zemibhalo evunyelwe
 - e) Isichazamazwi nezincwadi eziyizinsia (ezinolimi olulodwa, ezimbili eziningijamaesayiklophidiya, izincwadi zezinhlelo njll).
 - f) Ifayela kathisha: lokhu kungaba ifayela elinezinsizakufundisa eziqoqelwe ndawonye uthisha noma incwadi kathisha eshicilelwe
 - g) Ukutholakala kwemibhalo/izincwadi zokufunda ekilasini/esikoleni/kumtapo wolwazi womphakathi ukuze izohola ukufunda kwabafundi
 - h) Izinsiza ezibonwayo nezilalelwayo

INGXENYE YESI-3: OKUQUKETHWE NAMASU OKUFUNDISA AMAKHONO OLIMI

3.1 OKUQUKETHWE NOHLELO LOKUFUNDISA AMAKHONO OLIMI

Lokhu okulandelayo okuqukethwe, amakhono kanye namasu okutholakala kumaqhinga okufundisa

Ithebula lokuqukethwe, amakhono namasu:

	Amakhono	Amabanga 4 – 6
Ukulalela nokukhuluma	• Ukulalela ngokuqondisisa • Ukulalela ukuze uthole ulwazi • Ukuphimisa • Ukulalela ukuze uzijabulise • Izindlela ezahlukene zokuxhumana: - Ingxoxo - Indlela yokwenza/yequbo - Ukuxoxa indaba - Ukulingisa - Ingxoxo yeqembu - Ingxoxo emfushane nemilolozelo - Imidlalo yolimi - Izigameko ezingamaqiniso nezake zakwehlela <i>Bheka kumumo osetshenziswa ekukhulumeni isiNgisi</i>	Uhlelo lokulalela • Ukulungiselela ukulalela • Ngesikhathi sokulalela • Ukulalela ngokuqondisisa - Ukugcina imibono ebalulekilengokuyixoxa uphindelela - Ukuchaza - Ukulalela imibuzo elula ubuye uyilandele • Emumva kokulalela Inqubo yokukhuluma • Ukuhlela izinto ngokulandelana kanye nokucwaninga • Ukwethula nokuzilungiselela Ukuxhumana ngenhloso yokuhlalisana • Izingxoxo ezilula • Ukuxoxa ngokunikezana amathuba • Ukukhuthaza ukusetshenziswa kolimi lokwengeza • Ukubuza ubuye uphendule imibuzo Ukuxoxa ngezigameko • Ukwethula ngokungahlelekile kwezigameko ezejwayelekile • Uhlaka olulungile, ulwazi magama kanye nezimiso zolimi

	Amakhono	Amabanga 4 – 6
Ukufunda nokubukela	- Izinhlobo zemibhalo ezinconyiwe: - Izindaba, isib. izindaba zangempela eziqanjiwe, izindaba zakudala/zendabuko (izinkolelo nemizekelo, izinganekwane, izinsumansuman), izindaba zezehlo, izithombe ezixoxa indaba ezinamagama ngalinye/ngamabili - Inkondlo/iculo - Imibhalo yolwazi eyisingeniso, isib. izinkambiso, imibiko yolwazi - Imibhalo yolwazi, isib. izimemo, amakhadi, izincwadi - Imibhalo yabezindaba isib. izikhangisi, imibiko, iziqeshana - Imibhalo ebukelwayo: ukukhangisa (amaphosta, amapheshana, izikhangiso), - Amakhathuni, iziqeshana zamakhomikhi, imidwebo/amagrafu/amathebuli/amashadi/izithombe/imidwebo - Iziqeshana zokuqonda - Imibhalo yokufunda kakhulu elungiselelwe - Imibhalo yolwazi	Amasu okufunda nokubukela: Sebenzisa amasu okuzilungiselela ukufunda, ukufunda kanye nawangemuva kokufunda : - Ukuqonda umbhalo - Ukufunda umbhalo ngokujulile (ukufunda ngokuqondisisa) - Ukukhombisa ukufunda ngokuzimela ukhombisa inqubekela phambili (efunda noma yini efundela ukuzijabulisa, ulwazi nokufunda) Yethula kubafundi lokhu: Izinto ezitholakala embhalweni – izihloko, imifanekiso, izihlokwana, ukuhlela kusetshenziswa izinombolo, amagama ayizihlokwana, ezisematheni, indlela yokubhala Izakhiwo zombhalo – izinhla, ukuhleleka, ukuchaza, izinkambiso, amaphuzu abalulekile kanye nokuxoxa ngokulandelana (kwezigameko) Izingxenye zencwadi – ikhasi elinesihloko, ikhasi elinokuqukethwe, izahluko, iglozari nokunye Amasu okufunda nokubukela - Ukufunda uphindelela - Ukucacisa - Ukufinyelela esiphethweni/ukunikeza owakho umqondo opinion Ulimi olubonakalayo – (izinhlobo zemibhalo edwetshiwe nebukwayo isib. izikhangisi, imiyalezo, amaphosta, amakhathuni, amakhomikhi, izithombe): - Ukufundwa kwemibhalo esobala Inkondlo/iculo - Umqondo osobala - Umlayezo - Imifanekisomqondo, isib. umlolozelo, isigqi, ukuphindaphinda Indaba - Uhlaka/isakhiwo - Abalingisi - Isendlalelo Imibhalo yolwazi kanye neyenhlobo - Izethameli nenhloso Ukufunda okulungiselelwe nokungalungiselelwe (ukufunda kuzwakale) - Ukusetshenziswa kwephimbo, kwezwi, ijubane, ukukhuluma kuzwakale, ukuqondana kwamehlo, ukuma kanye nokunyakaza komzimba - Ukuphimisa amagama ngendlela efanele

	Amakhono	Amabanga 4 – 6
Ukubhala nokwethula	• Ukubhala amagama, isib. uhla • Ukubhalwa kwemisho • Ukubhalwa kwesigaba Izinhlobo zemibhalo Ukubhala abaziqambele kona • Okuchazayo, isib. ukuchazwa kwabantu, kwezindawo, kwezilwane, kwezitshalo,, kwezinto, nokunye • Okulandayo, isib. izindaba, ukuxoxa ngobuyena/ ngaye • Izindaba ngezithombe • Inkulumo mpikiswano elula - Ukubhala ngokuvumelana (ngenhlalakahle, ngokusebenza, kanye umbhalo wolwazi) • Imiyalezo, amakhadi emiyalezo, izimemo • Amaphosta, izaziso, izikhangisi • Ukuqedelwa kohlaka olulula	Inqubo yokubhala: Ukulungiselela ukubhala/ukuhlela • Ukucabanga ngohlelomagama kanye nemiqondo eqenjini • Ukuhlelwa kwemiqondo Ukwakha uhlaka • Ukuqokwa kwagama • Ukwakha imisho • Imiqondo eyejwayelekile • Ukufunda lokho okubhalile • Ukuthola umbono/imizwa ngokubhalile kuthisha Ukubukeza, ukufunda nokulungiswa kwamaphutha, nokwethula • Ukubukeza: kwenza ngcono okuqukethwe nokuhleleka kwemiqondo • Kwenza ngcono ukuqokwa kwamagama, imisho nokwakheka kwezigaba • Kwethula umsebenzi wokugcina ngobunono nangandlela ebonakalayo
Izakhiwo nezimiso zolimi	Ukusebenza ngamagama (ukuthuthukiswa kolwazi magama): ukusetshenziswa kewsichazamazwi, isibizelo, ingcazelo, izakhi, imisindo, amagama asho okufanayo, aphikisayo, omqondofana, iziqalo, izijobelelo Ukusebenza ngemisho Izingcezu zenkulumo, isib. ibizo, isabizwana, izifingqo, amabizombaxa, izenzo, izihlanganis Ukwakheka kwemisho: oqondile, ombaxa, imibuzo, izilandiso Izinkathi zesenzo isivumelwano:isivumelwano senhloko/sesenzo ukuhleleka kwamagama izindlela eziphikisayo inkulumo ngqo nenkulumo – mbiko Ukubuthana/ukwakheka kolimi Yethula imithetho elula yolimi Izimpawu zokuloba/zokubhala Isibizelo/isipelingi Imisindo Bheka ohlwini lokubukela - izakhiwo nezimiso zolimi	
Izimpawu zokuloba	Ungqi, umbabazi, umbuzi, ukhefana, ikholoni, ukhefungqi, isibambelihamvu, izicaphunimazwi, ikhongco, abakaki, ogaxekile	
Isipelingi	Amaphethini esipelilingi, imithetho yesipelingi, izivumelwano, izifingqo, ukusetshenziswa kewsichazamazwi	
Izingxenye zegama	Iziqalo, umsuka, isiqu, nezijobelelo	

Amabizo	Amabizo abonakalayo (<i>isib. umuntu, isicathulo, njll</i>) Amabizo angabonakaliyo (<i>ukufa, umoya, inzondo, njll</i>) Amabizo anobunye nobuningi (<i>isib. umuntu/abantu, isihlalo/izihlalo, njll</i>) Amabizo angehlukani ubunye nobuningi (<i>isib. amanzi, ububi, ukudla, njll</i>) Amabizomvama (<i>isib. isihlahla, indlela, njll</i>) Amabizoqoqa (<i>isib. igulo lezinyosi, umhlambi wezinkomo, njll</i>) Amabizoqho (<i>isib. uSipho, iTheku, uZwane, njll</i>) Amabizombaxa (<i>igejambazo, imbuzimawa, njll</i>)
Izabizwana	Isabizwana soqobo (<i>isib. mina, wena, thina, yona, bona, yena, njll</i>) Isabizwana sokukhomba (<i>isib. lona, lowo, lowaya, njll</i>) Isabizwana sokubala (<i>isib. -nke, -dwa, -bili, thathu, njll</i>)
Izichasiso	Iziphawulo zonke (<i>isib. omuhle, okhulu, njll</i>) Isibaluli (<i>isib. oqatha, oqotho, njll</i>) Ongumnini (<i>isib. lami, kababa, wami, njll</i>) Inani (<i>isib. mumbe, muni, muphi, munye, njll</i>)
Izandiso	Isandiso sendawo (<i>isib. phandle, kuye, kude, njll</i>) Isandiso sesimo (<i>kahle, kabi, kanje, njll</i>) Isandiso senkathi (<i>isib. izolo, emini, ekuseni, njll</i>)
Izenzo	Eziqala ngonkamisa (<i>isib. elula, aba, akha, njll</i>) Eziphundulekile (<i>isib. azi, ithi, isho</i>) Ezinhlamvumbili (<i>isib. hamba, hleka, vuka, njll</i>) Ezinhlamvuntathu (<i>isib. khuluma, khululeka, xukuza, njll</i>)
Isenzo nenkathi	Inkathi yamanje (<i>isib. Ngifunda isiZulu</i>) Inkathi yamanje eqhubekayo (<i>isib. Ngisapheka ukudla</i>) Inkathi edlule (<i>isib. Ngafunda isiZulu</i>) Inkathi ezayo (<i>isib. Ngizofunda isiZulu</i>) Izindlela zesenzo (<i>isib. Eqondile, eyamandla, eyamile/encikile, esabizo, eyenhloso, ephoqayo</i>)
Isikhanyiso	Isenzukuthi: <i>isib. muhlu, phihli, saka</i> Isandiso: <i>isib. esenkathi, esesimo, esendawo,</i>
Isihlanganiso	Sihlanganisa okuthile okubekeke ngokwehlukana (<i>isib. ngoba, kodwa, ukuze, nakuba, futhi, njll</i>)
Isibabazo	Ukuveza imizwa (<i>isib. halala! maye! maye babo! njll</i>)
Izivumelwano	Izivumelwano sikamenzi <i>isib. umfana usefikile.</i> Izivumelwano sikamenziwa <i>isib. uthisha ubafundisa isiZulu abafundi</i>
Imisho	Mithathu: Oqondile ubonakala ngesilandiso esisodwa (<i>isib. Umfana udlala ibhola</i>) Ombaxa kuhlangukiswa imisho emibili eqondile (<i>isib. Ngiyasebenza kodwa angiphumeleli</i>) Omagatshagatsha ubonakala ngomusho omkhulu/oyinhloko kanye nokhonzile/onicikile (<i>isib. Isando sokuphihliza amatshe sephukile. Omkhulu: isando sephukile. Okhonzile: sokuphihliza amatshe.</i>)

Izimpambosi	Eyokwenzana ibonakala ngesakhi –ana Eyokwenzeka ibonakala ngesakhi –eka Eyokwenzela ibonakala ngesakhi –ela Eyokwenzisa ibonakala ngesakhi –isa Eyokwenzisisa ibonakala ngesakhi –isisa Eyokwenzayenza ibonakala ngokuphindwa kwesiqu sesenzo Eyokwenziwa ibonakala ngesakhi u-wa
Inkulumongqo nenkulumo ewumbiko	USenzo wathi, “Ngizokubona ngeSonto ekuseni” USenzo wathi uzongibona ngeSonto ekuseni. Umama wabuza, “Uwuthanda ngempela umculo wokholo” Umama wabuza ukuthi ngiyawuthanda yini umculo wokholo.

Izibonelo zezimo zokukhuluma ezitholakala esiZulwini

UKUCELA IMVUME Nginga....? Ngicela uku...? Ngabe kungenzeka ukuthi ngi...? Kungalunga uma nginga...? Ungaphatheka kabi uma ngi...? Ngicela ungivumele ngi...? Ungavuma ukuthi ngi...?	UKUPHAZAMISA Uxolo, nginga...? Ngiyaxolisa, ucabanga ukuthi nginga...? Uxolo, uyakwazi uku.../uyamazi u...? Uxolo, ungangisiza?
UKUNIKEZA USIZO Ngicela ukukusiza. Ngingakusiza? Kukhona okufunayo? Ungathanda ngikusize? Uyaludinga usizo? Ngingakwenzelani?	UKUFUNA USIZO Ngicela usizo e...? Ungangisiza uku...? Ngicela usizo nge...? Ngiyakucela, ngisize nge...? Ngicela ungisize.
UKUXOLISA Uxolo. Ngiyaxolisa ngoku... Ngiyazisola ngoku... Ungixolele ngoku... Ngixolele. Ngiyaxolisa.	UKUKHONONDA Ngiyaxolisa ukuthi ngikhulume kanje, kodwa... Ngiyaxolisa ukukuhlupha, kodwa... Mhlawumbe ulibele/ukhohliwe uku... Ungixolele uma ngiphaphalaza, kodwa... Kungenzeka ukuthi kube nokungaboni ngaso linye nge... Ungangizwa kabi, kodwa...
UKUNIKEZA ISELULEKO Angicabangi ukuthi kumele u... Kumele u... Akumele u... Ukube bengiwuwe, bengi... Bekumele u... Bekungamele u... Noma ngabe wenzani, ungalokothi u...	UKUSHO INTO OYINCAMELAYO Ungathanda uku... Ngingamane ngi... Kungani singa...? Ngincamela uku... Ucabangani? Ucabanga ukuthi kumele senzeni? Ukube bekuya ngami bengi... Ngicabanga ukuthi kumele si...

UKUQAGELA/UKUCABANGELA Ngingathi ukulungele uku... Kungadinga u... Kubukeka sengathi ... Mhlawumbe udinga uku... Mhlawumbe bafuna uku... Kunzima ukusho, kodwa ngicabanga ukuthi... Anginaqiniso kahle, kodwa ngicabanga ukuthi...	UKUNIKEZA ULWAZI ONEQINISO LWALO Banga/bayi... Bacishe babe ... Kunenani elikhulu la... Uhlobo lwe... Uhlobo olu...
UKUVALELISA Uhambo olude, amaholidi, njll. Ube/nibe nohambo oluhle. Nibe namaholide amnandi. Nibe nesikhathi esimnandi e... UKUBINGELELANA NGEMUVA KOHAMBO/ KWAMAHOLIDE Abe njani amaholide...? Usithokozele isikhathi obe naso? Lube njani uhambo lwakho?	UKUZIHLOLA/UKUZAHLULELA Lokhu kusebenze kahle ngoba... Ngikwenze kahle lokhu ngoba ... Bekuyokuba ngcono uku... Inqubekela phambili iyacaca/ayicaci. Lokhu kuphumelela ngoba...

3.2 UKUSABALALISWA KWEMIBHALO KUMABANGA 4 – 6

Imibhalo eminingi ikhethelwe umjikelezo wamasonto amabili. Imibhalo ebalulekile ibhalwe ngezansi. Abafundi bazozimbandakanya neminye noma nayo yonke imibhalo ngomjikelezo wamasonto amabili, okungukuthi, bazolalela noma bethule ngomlomo noma bafunde noma bahbale.

3.2.1 Ukusabalaliswa kombhalo kusetshenziswa ithebula

	Ibanga le – 4	Ibanga lesi – 5	Ibanga lesi – 6
Amasonto	IThemu yoku -1		
1 - 2	Indaba	Indaba	Indaba, imidlalo ngolimi/yolimi
3 - 4	Umbhalo wolwazi, isib. imibiko yezindaba/ukusho amaqiniso, ibalazwe	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amashadi/amathebula/ imifanekiso/amabalazwe egqondo/ amabalazwe/izithombe/amagrafu; ingxoxo; ukusho amaqiniso	Umbhalo wolwazi, isib. imibiko yezindaba/ukusho amaqiniso; izincwadi; ukusakaza, isib. Isikhangisi
5 - 6	indaba nokuchazwa kwabantu noma abalingiswa	Indaba, ukulingisa, ukuchazwa kwabantu, isimemo, umlayezo	Indaba
7 - 8	Umbhalo wolwazi: izinkambiso/ imiyalelo/izinhla	Umbhalo wolwazi: izinkambiso; imiyalelo; umdlalo wolimi	Ulwazimbhalo olunokubukwayo, isib. . amabalazwe/izithombe, izincazelo
9 - 10	Iculo, inkondlo	Iculo, inkondlo	Inkondlo, ukuchazwa komuntu ngeculo, ukuchazwa kwento/ kwesilwane/kwesitshalo/kwendawo nomdlalo wolimi
Amasonto	IThemu ye- 2		
11 - 12	Indaba	Indaba	Indaba nemiyalezo, ingxoxo
13 - 14	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. izithombe, amaphosta, izinkombandlela, ukuchazwa kwento	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amabalazwe/izithombe, ukuchazwa kwento/kwezitno/ izitshalo/izindawo/izilwane	Umbhalo wolwazi isib. ukuchazwa kwento/izilwane/izitshalo/izindawo, imibhalo ebukwayo isib. izithombe/ amabalazwe
15 - 16	Izindaba ngawe/ngokwake kwakwehlela	Izindaba ngawe/ngokwake kwamehlela (umfundi)	Indaba, izindaba ngaye/okwake kwamehlela (umfundi), ukulingisa
17- 18	Izinkambiso/inqubo, imiyalelo, umbhalo wolwazi onezithombe isib. izithombe/amabalazwe, / imifanekiso	Umbhalo wolwazi: imiyalelo, ukusho amaqiniso	Kufundwa umbhalo wolwazi onezithombe, isib.amasheduli kamabonakude/amabalazwe/ izithombe, izincazelo nomdlalo wolimi
19 - 20	UKUHLOLA NGOKUPHELELE		
Amasonto	IThemu ye- 3		
21- 22	Indaba, ukuchazwa komuntu/ kwesilwane/umlingisi, inkulumompendulwano	Indaba, ukuchazwa kwezindawo ngomlomo/kwabantu, ukuxoxa ngaye/okwake kwamvelela	indaba;ukuchazwa kwezindawo ngomlomo/kwezilwane/ kwezitshalo/kwezinto
23 - 24	Umbhalo wolwazi, isib. ukusho amaqiniso kusetshenziswa umbhalo obonwayo nozwakalayo njengamaphosta/izaziso	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amabalazwe/izithombe	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amabalazwe/izithombe/ ukukhuluma
25 - 26	Indaba, inkondlo	Indaba, inkondlo	Indaba, inkondlo
27- 28	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. izithombe, ukuchazwa kwezindawo/izitshalo/izilwane/ izinto, izinkambiso	Umbhalo wolwazi: ingxoxo, umdlalo wolimi, ukuchazwa kwezindawo/izitshalo/izilwane/ izinto, izinkambiso	Umbhalo wolwazi – umdlalo wolimi, ibalazwe lomqondo elichaza izindawo/izitshalo/izilwane/izinto, izinkambiso
29 - 30	Ukulingisa, inkulumompendulwano	Ingxoxo, inkulumompendulwano	Ingxoxo, inkulumompendulwano

	Ibanga le – 4	Ibanga lesi – 5	Ibanga lesi – 6
Amasonto	IThemu ye- 4		
31- 32	Ingxoxo, umdlalo wolimi, indaba	Indaba, umdlalo wolimi, ingxoxo ngaye/okwake kwamehlela	Indaba, ingxoxo, inkulumompendulwano
33 - 34	Umbhalo wolwazi onezithombe, isib. izithombe, umbhalo obonwayo, isib. amaphosta/ izaziso, imiyalezo	Umbhalo wolwazi:umbhalo oyiqiniso, amaphosta	Ukukhuluma ngombhalo wolwazi, umdlalo wolimi, izincazelo
35 - 36	Indaba, umdlalo wolimi	Indaba, inkondlo, ingxoxo ngaye/ okwake kwamehlela	Indaba, inkondlo
37 - 38	Ingxoxo, khuluma, umbhalo wolwazi, umbhalo obonwayo isib. amaphosta/isaziso	Umbhalo wolwazi, ingxoxo, amaphosta, umbhalo obonwayo, isib. ishadi	Umbhalo wolwazi kanye nephosta ebonwayo isikhangisi
39 - 40	UKUHLOLA NGOKUPHELELE		

3.2.2 Izinhlobo zombhalo ezifingqiwe kulona lonke izinga

Lamathebula angezansi achaza izinhlobo zemibhalo okufanele ifundiswe ukuyibhala emabangeni 4 – 6, neminye imibhalo ingafakwa lapho kufanele khona. Eminye yalemibhalo ayikho kulamathebula ezinhlelo zokufundisa. Lokho akusho ukuthi kufanele zingabi yingxenye yokufunda nokufundisa njengoba nazo zingezinye ezibalulekile.

Inhlobo yombhalo	Ukuhlelka kolimi okutholakala embhalweni ngamunye
Imilando yakhe	Ulimi olucahazayo, isiphawulo, isandiso Inkathi yesenzo, isib. inkathi eyedlule Ukuhleleka kwezigameko, isib. izandiso zesikhathi Amagama asitshela: kuphi, nini, nobani, kanjani Imisho elula Izihlanganiso, isib. kwase..., ngemuva, njll Inkulumo ngqo nenkulumbiko Amabizo nezabizwana
Imilando eyiqiniso	Iziphawulo, nemishwana ephawulayo Amabizo nezabizwana Izihlanganiso Inkathi yesenzo, isib. inkathi eyedlule(elula) Amabizo
Izindaba nemidlalo	Amagama ayizenzo, isib. izenzo Izandiso ezichaza okwenzekayo Iziphawulo ezichaza abalingisi nesigcawu Imisho elula nelukhuni Izihlanganiso (zesikhathi) ukukhombisa ukulandelana kwezigameko, isib. kwase, emuva, njll Inkulumo ngqo nenkulumbiko Uhla lwezenzo olusenkathini ethile ikakhulukazi inkathi eyedlule Izimpawu zokubhala, isib. ikhoma, umbuzi, umbabazi

Izinkondlo	Izimo zenkulumo, isib. ukwenzasamuntu, isifaniso, isingathekiso, njll Anabizo Iziphawulo Izabizwana Imisho elula
Izinkambiso/imiyalelo/ izinkombandlela	Izenzo ezisekuqaleni komyalelo ngamunye ngokwejwayelekile Izenzo eziyimiyalelo Izandiso Amagama asho asitshela ukuthi: kanjani, nini, nobani Izihlanganiso ezikhombisa ukulandelana kwezitebhu, isib. kwase, njll Izenzo ezisenkathini, isib. inkathi yamanje elula Izinqumo
Izingxoxo	Izenzo Izabizwana Ukwakheka kwemisho, isib. imibuzo Izenzo zenkathi, isib. inkathi yamanje neyedlule elula
Imibhalo yolwazi	Amabizo Izenzo zenkathi, isib. inkathi yamanje elula Izenzo Iziphawulo Izinqumo Izabizwana Ukuthuthukiswa kolwazimagama, isib. ulwazimagama lokuqhathanisa, ubudlelwano obushayisanayo Izimpawu zokubhala, isib. ikhoma/ukhefana
Izincazelo	Izenzo zenkathi, isib. inkathi yamanje elula Amabizo Iziphawulo Izinqumo
Okuchazayo	Izenzo zenkathi, isib. inkathi yamanje elula, inkathi edlule elula Amabizo Iziphawulo ezinikeza imininingwane izinqumo

Ibanga le - 4	Ibanga le – 5	Ibanga le – 6
ULWAZI		
• Xoxa uchaze ngawe/ngokwaziyo, isib.izindaba, ukuchazwa kwento ethile ngokweqiniso • Umbhalo wolwazi owejwayelekile • Imibhalo yemithombo yabezindaba njengezimemezelo emsakazweni • Imiyalelo efana nemithetho yomdlalo othile (ibhola lezinyawo), nezinkombandlela • Imibhalo ebukwayo: amabalazwe, izithombe	• Ukuxoxa/ukuchaza okungamaqiniso, isib. izindaba, ukuchazwa kwento ethile ngokweqiniso • Umbhalo wolwazi owejwayelekile • Imibhalo yolwazi • Imibhalo yemithombo yabezindaba njengezimemezelo emsakazweni • Imiyalelo efana nemithetho yomdlalo othile (ibhola lezinyawo), nezinkombandlela • Imibhalo ebukwayo: amabalazwe, izithombe	• Izincazelo ezifana nalezo ezitholakala ezincwadini, kuzichazamazwi, neminye imibhalo etholakala kwezinye izifundo • Izinto ezingamaqiniso ezifana nemibiko yezindaba (izihloko eziphambili ezindabeni, chaza izihloko ezihamba phambili, ukuphawula), ukubika kukafakazi ozibonele ngamehlo • Imibhalo yolwazi • Imibhalo yemithombo yabezindaba:izikhangisi, amaphosta, ama-athikili amaphephabhuku • Imiyalelo efana nemithetho yomdlalo othile (ibhola lezinyawo), nezinkombandlela • Imibhalo ebukwayo: amabalazwe, izithombe
OKUMAYELANA NEMIBHALO		
• Izingxoxo:izindaba zangempela eziqanjiwe, izinganekwane, izinsumansumane, izindaba ngezehlakalo, imicabango, izindaba zangempela. • Ukuxoxa ngaye/okwake kwamehlela okufana nezigameko ngokulandelana kwazo, nalokho okubhalwe kudayari • Inkondlo, umdlalo, ukulingisa	• Izingxoxo, isib. izindaba zangempela eziqanjiwe, insumansumane izindaba ngezehlakalo, imicabango, amahlanya, izindaba ezingamaqiniso, izindaba eziwumlando • Ukuxoxa ngaye/okwake kwamehlela njengezigameko ngokulandelana kwazo,, okubhalwe kudayari ukwenza izigcawu • Inkondlo, umdlalo, ukulingisa	• Izingxoxo, isib. izindaba zangempela eziqanjiwe, insumansumane izindaba ngezehlakalo, imicabango, amahlanya, izindaba ezingamaqiniso, izindaba eziwumlando, izindaba zesayensi, izinkondlo ezixoxwayo • Ukuxoxa ngaye/ngokwake kwamehlela njengokwenziwa kwezigcawu (ama-anekhdothi omlomo), ukuphawula ngokombono wakhe/ngokwakhe, okubhalwe kudayari, imilando ngabantu • Inkondlo, umdlalo, ukulingisa
OKUPHATHELENE NOMPHEKATHI/NOKUSEBENZA		
• Izingxoxo, isib. ukubuza, ukunikeza ulwazi ngomndeni • Imibhalo emifishane ngezenhlalakahle: amakhadi okufisela, amanothi, imiyalezo	• Izingxoxo: ukwenza izicelo, ukuchaza, ukunikeza ulwazi ngomphakathi • Imibhalo emifishane ngezenhlalakahle: izaziso, imiyalezo	• Izingxoxo: ukwenza izicelo, ukunikeza ulwazi ngomphakathi • Imibhalo emifishane ngomphakathi/ ngokusebenza:izaziso, imiyalezo

3.2.3 Ubude bemibhalo yoLimi lweSibili Lokwengeza (okuzokhiqizwa ngabafundi)

Umbhalo	iBanga le – 4	iBanga le – 5	iBanga le – 6
Isigaba Amagama Imisho			
	Amagama ayi 10 – 20	Amagama angama 20 - 30	Amagama angama 30 - 40 words
	Imisho emi 3 – 4	Imisho emi 4 – 6	Imisho eyi 6 – 8
Umbhalo wokuziqambela okhulunywayo, isib. imilando, ukuxoxa nokuxoxa uphindelele izindaba	Imizuzu e – 3	Imizuzu e - 3	Imizuzu emi 3-4
Imibhalo yolwazi neyokuziqaqambela, isib. imilando, izindaba, imibiko	Amagama angama – 20 isigaba esisodwa	Amagama angama – 30 isigaba esisodwa	Amagama angama – 40 izigaba ezi – 2
Imibiko emifishane, isb. Imiyalezo, amanothi Izincazelo	Amagama ayi – 10 kuya ema – 20	Amagama angama 20 – 30	Amagama angama 30 – 40

3.2.4 Ubude bemibhalo yoLimi lwaSekhaya (okufanele abafundi bazimbandakanye nako)

Umsebenzi	iBanga le – 4	iBanga le – 5	iBanga le – 6
Ukulalela ngokuqonda kwemibhalo okuthe xaxa, isib. indaba, amanthavyu, imidlalo, imibiko yezindaba	Amagama ayi 100-150/ kufinyelela emizuzwini emi – 5	Amagama ayi 150-200/ kufinyelela emizuzwini emi – 5	Amagama angama 200-250/ kufinyelela emizuzwini emi – 5
Ukulalela ngokuqonda imibhalo isikhathi esifishane, isib. izimemezelo, imibhalo yolwazi, imiyalelo, izinkombandlela	Amagama angama 50-60/ umzuzu o 1-2	Amagama angama - 60-70/ umzuzu o- 1-2	Amagama angama - 70-80/ umzuzu o- 1-2
Ukufunda Imibhalo yokufunda ethe ukubanzima	Amagama ayi - 100-150	Amagama ayi - 150-200	Amagama angama 200-250

3.2.5 Ulwazimagama olufanele ukuthi luzuzwe/lutholwe yilabobafundi okuwuLimi lwabo lwaSekhaya

	amaThemu	1	2	3	4
Ulwazimagama: Amagama ajwayelekile akhulunywayo	Grade 4	20 – 30	30 – 40	40 – 50	50 – 60
	Grade 5	60 – 710	70 – 80	80 – 90	90 – 100
	Grade 6	100 – 110	110 – 120	120 – 130	130 – 150
Ukufunda: ulwazimagama (amagama amasha)	Grade 4	30 – 50 (10 – 20)	30 – 50 (10 – 20)	30 – 50 (10 – 20)	30 – 50 (10 – 20)
	Grade 5	50 – 80	50 – 80	50 – 80	50 – 80
	Grade 6	80 – 100	80 – 100	80 – 100	80 – 100

3.3 IZINHLELO ZOKUFUNDISA

Uhlelo lokufundisa lukhombisa okuqukethwe okuncane okufanele kwenziwe ithemu ngayinye. Ukulandelana kokuqukethwe okusohlwini lomjikelezo wamasonto amabili, akumisiwe futhi isikhathi esinikeziwe siyilinginiso nje sokukhomba ukuthi into ezofundiswa ingathatha isikhathi eside kangakanani. Othisha kufanele bakhe amasheduli omsebenzi besebenzisa izincwadi zolimi ukufundisa okuqukethwe emjikelezweni wamasonto amabili besebenzisa ukulandelana okusheshayo. Okuqukethwe okunikeziwe emjikelezweni wamasonto amabili kuyimibhalo/imisetshenzana ebalulekile enamakhono namaqhinga abalulekile abafundi okufanele ukuthi bawathuthukise njengoba echaziwe ngezansi.

3.3.1 Ixhunyaniswa kanjani imibhalo ndawonye, esikhathini somjikelezo wamasonto amabili

Imibhalo ehlukene isetshenzisiwe njengesisekelo sokukwakha umjikelezo wamasonto amabili. Ikhethwe ngendlela ehlangana ngayo ukwakha iyunithi embandakanyayo, isib. abafundi bazolalela indaba bese beyayifunda. Abafundi bazobuye bacelwe ukuthi babhale incazelo emfishane yendawo noma yomuntu (ezohlangana nendaba) noma bacelwe ukuthi babhale umbiko/umyalezo ngendaba. Kukhethwa indikimba yomjikelezo ngamunye wamasonto amabili ozovumela uthisha ukuthi ahlanganise imisebenzi ngempumelelo. Isizathu sokusebenzisa izindikimba wukwenza kube lula ukusebenzisa ulwazi magama oluwaphindaphindayo kanye nokwakheka kolimi kwingqikithi ezwakalayo. Ngokwenza, ukuhlanganisa kwenza amathuba: izindlela ezahlukene zemisebenzi, imibhalo, nezindikimba (bheka izindikimba eziphakanyisiwe – nanto uhla ngezansi)

3.3.2 Indlela imibhalo/imisebenzi ehlelwe ngayo kumjikelezo wamasonto amabili

Imibhalo akudingekile ukuthi ifundiswe ngendlela ethile. ngokwejoyalekile, kufanele kube nemisebenzi embandakanya ukulalela nokukhuluma ukulungiselela imisebenzi yokukufunda nokubhala. Ngesinye isikhathi, umsebenzi wokulalela nokukhuluma kufanele ususelwe embhalweni wokufunda. Abafundi kufanele bazihlanganise nemibhalo eyahlukene ekhulunywayo (yomlomo) neyokufunda ngaphambi kokuthi bayibhale lemibhalo. Esikhathini esiningi, umbhalo ozolalelwa, isib. indaba izokwehluka ibuye ibe sezingeni elithe xaxa kuleyo abafundi abazoyifunda. Lokhu kubangelwa ukuthi ikhono lokulalela selithuthuke kancono kunalelo lokufunda.

3.3.3 Uhlobo lwemibhalo enqunyiwe/emisiwe kanye nenconyiwe

Kunezinhlalo zemibhalo enqunyiwe/emisiwe okufanele ifundiswe kuyona yonke imijikelezo yamasonto amabili. Lokhu kubaluliwe ohlelweni lokufundisa futhi kufanele kufakwe encwadini enqunyiwe/emiselwe. Esikhathini esiningi, ayikho indaba eqonde ngqo emiselwe/enqunyiwe. Kungakhethwa ezindabeni ezahlukene zesimanje, izindaba ezicatshangwayo (isib. isigigaba, kanye nezindaba zendabuko, njengezinsumamsumane, izinkolelo, imizekelo) etholakalayo. Lokhu kuyefana kuzinkondlo kanye namaculo.

Ngasosonke isikhathi, lokhu kufunda okwengeziwe kufanele kuhambisane nezihloko kanye nezindikimba ezikhethlwe lowombhalo onqunyiwe/omiselwe kumjikelezo wamasonto amabili. Lokhu kubaluleke kakhulu njengoba kuhlenganisa ulwazi lomfundi lolimi lwesibili lokwengeza kanye nokuqonda ulwazimagama nomqondo ohlobene nesihloko.

3.3.4 Inani lemibhalo ebalulekile emjikelezweni wamasonto amabili

Kungxenye yokuqala yonyaka, ngokwejoyalekile kuba nengxenye eyodwa yombhalo noma umsebenzi kumjikelezo wamasonto amabili. Kungezeka kube nezinhlalo ezimbili zemibhalo/imisebenzi umjikelezo ngamunye wamasonto amabili. Zifundise lezinhlalo zemibhalo kanye nemisebenzi ehambisana nayo ube wazi ukuthi abafundi bazohlangabezana nayo futhi izikhathi eziningana ngokuqhubeka konyaka.

3.3.5 Kuhlangatshezwa kanjani ukwakheka nokusetshenziswa kolimi

Okuqokethwe engxenyeni “yokwakhiwa nokusetshenziswa kolimi” kususelwe kuzinhlobo zemibhalo enquniwe/ emiselwe ngaphani kwezihloko zokuLalela nokuKhuluma, ukuFunda, kanye nokuBhala futhi kuzonakwa uma kuqhutshekwa nemibhalo nangesikhathi esibekelwe ukuLalela nokuKhuluma, ukuFunda nokubhala. Isib. uma indaba seyenziwe, abafundi bayosebenzisa inkathi eyedlule elula ukufunda imibhalo. Kodwa – ke, kubalulekile ukuthi imisebenzi egxile ekwakhekeni kolimi oluthile ithuthukiswe. Khetha izinto kwingxenyi “yokwakheka nokusetshenziswa kolimi” uzinikeze abafundi ukuze bakwazi ukuzilolonga ngokuthe xaxa kulezozingxenyi. Yakha imisebenzi ezwakalayo kubafundi nehlobene nemibhalo abayifundayo emjikelezweni wamasonto amabili. Eminingi imisebenzi yalolu hlobo kufanele yenziwe njengoba abafundi beqhubeka besuka eBangeni le-4 kuya kwe lesi - 6. Khetha ngokucophelela imithetho oyichazela abafundi ingabi mining. Ulimi lokwengeza lwesibili abafundi balufunda ngokuthi balubone futhi balusebenzise. Ukuzilolonga ngokwakheka nokusetshenziswa kolimi kuyowathuthukisa lamakhono. Ukufundisa kufanele kufake onke amakhono olimi nokwakhiwa kwalo njengokuhlobana kwako. Konke lokhu kufanele kufundiswe ngaphansi kwendikimba.

Izihloko eziphakanyisiwe – uhla okungathathelwa kulo	
• Izilwane • Umzimba • Izimpahla • Imibala • Izinsuku nezinyanga zonyaka • Imizwa • Umndeni • Ukudla • Ukubingelela • Izinto/imidlalo abathanda ukuyenza	• Indlu • Okuthandwayo nokungathandwa • Umculo • Imvelo/inhlalo yendawo • Izindawo • Isikol e • Umdlalo • Isikhathi • Ezokuthutha • Isimo sezulu nezikhathi zonyaka

3.4 OKUQUKETHWE NAMASU OKUFUNDISA ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA LWESINGISI

IBANGA LE – 4 ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA – I- ENGLISH

IBANGA LE – 4				
ITHEMU YOKU – 1				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
1-2	Ukulalela nokukhuluma:ingxoxo yezinga eliphansi ngolimi oluhlosiwe/ oluyithagethi (isib. ukubingelela) • Ukuphendula imibuzo elula • Amagama abalingisi endabeni • Ukuhumusha uma kunesidingo Ukuzejwayeza ukulalela nokukhuluma • Gcizelela ukufundwa kwemisindo	Ukufunda • Funda amagama amayelana nengxoxo ebhaliwe • Phendula imibuzo ngombhalo esezingeni eliphansi • Veza imizwa ngombhalo • Xoxa ulwazimagama olusembhalweni ofundiwe • Pela amagama abe mahlanu ombhalo ofundiwe -	Yethula umbhalo Bhala amagama ayisisekelo • Bhala amagama ngendaba efundiwe	Ukusebenza ngamagama • Sebenzisa ulwazi lwemisindo ukupela amagama isib. amagama anemisindo efanayo/ ehambisanayo/indlela abukeka ngayo. • Usebenzisa ulwazi lwamagama awabona njalo Ukusebenza ngamagama Uqonda asebenzise amagama ngokwengqikithi Ulwazimagama ngokwengqikithi
3-4	Ukulalela nokukhuluma nekhulunywayo kusetshenziswa ulimi oluhlosiwe/ oluyithagethi (isib. ukuxhomana ekilasini/ egunjini lokufundela) • Phendula imibuzo • Kuxoxwa ngolwazimagama olusha • Ukuhumusha uma kunesidingo	Ukufunda Funda amagama aqondiswe engxoxweni	Ukubhala Yethula umbhalo Bhala amagama ayisisekelo • Sebenzisa ulwazimagama olufanele	Ukusebenza ngamagama • Sebenzisa ulwazi lwemisindo ukupela amagama isib. amagama anemisindo efanayo/ ehambisanayo/indlela abukeka ngayo. • Usebenzisa ulwazi lwamagama awabona njalo Ulwazimagama ngokwengqikithi

IBANGA LE – 4				
ITHEMU YOKU – 1				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
5-6	Lalela indaba Khetha imibhalo yesimanje enobuqiniso/ izindaba zakudala/izehlo/ izindaba zangempela ezincwadini nakufayela kathisha yokufundisa • Phendula imibuzo elula • Yisho abalingiswa ngokufanele • Sebenzisa amagama ukukhombisa imizwa ngendaba • Humusha uma kunesidingo	Ukufunda Funda isiqeshana esithathelwe encwadini (yokufunda) noma kumqulu kathisha • Xuba uqondanise amagama ngendaba ngokusizwa • Khombisa imizwa ngendaba • Phendula imibuzo ngombhalo Ukulungiselela ukufunda • Funda kuzwakale wethule nomqondo wokuphimisa ngendlela nokukhombisa	Yethula umbhalo Bhala ngendaba • Bhala amagama noma iziqesgana ngendaba • Bhala indaba ngamagama akhouveze nemizwa ngendaba Gcina amagama ngokuthi uwabhale phansi nezincazelo zakhona usebenzise isichazamazwi sakho • Sebenzisa imidwebo noma amagama ukukhombisa izincazelo njll.	Ukusebenza ngamagama • Hlakaza amagama ngokwamalunga, isib. –hle-ka, pha- ka- mi-sa • Amagama aqala ngezinhlamvu ezikhethiwe Ukusebenza ngemisho • Yakha imisho ekhombisa isihloko nesiya khela ekusetshenzisweni kwesivulelwano senhloko nesenzo, isib. kunencwadi eyodwa/ Kunezincwadi ezimbili ... • Sebenzisa izinhlobo ezejwayelekile zesenzo, isib. hamba, uhambile/wahamba

IBANGA LE – 4				
ITHEMU YOKU – 1				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
7-8	Lalela ubuye ulandele imiyalele imiyalelo eyisisekelo, isib. iresiphi/imiyalelo yokwenza okuthile • Umbhalo othathelwe encwadini noma umqulu kathisha • Phendula imibuzo • Lalela wenze ngokufanele Nikeza imiyalelo elula • Sebenzisa imininingwane efanele • Sebenzisa indlela eyiyo yokulandelanisa Uzejwayeza ukulalela nokukhuluma ukunothisa/ ukuthuthukisa ulimi (khetha okukodwa ukuzilungiselela kwansuku zonke) • Yenza imilolozelo elula, inkondlo noma iculo • Phendula imiyalelo ngokuthi wenze • Dlala umdlalo wolimi • Gcizelela ukuzilungiselela kwemisindo	Funda umbhalo oyingqubo sisekelo isib. iresiphi/imiyayokwenza okuthile Umbhalo othathelwe encwadini noma kufayela kathisha • Ingxoxo nokufunda okwandulelayo: sebenzisa isihloko nezithombe ukuqagela • Phendula imibuzo ngombhalo • Xoxa ngokulandelana kwemiyalelo • Landela imiyalelo Uzilungiselela ukufunda • Funda kuzwakale ukwethula umqondo olungele indlela eyiyo yokuphimisa nokuziveza	Yethula umbhalo Sebenzisa uhlaka ukubhala imiyalelo elula • Landelanisa imiyalelo • Sebenzisa ukuhleleka okufanele (hlela kabusha ngendlela efanele) • Bhala imiyalelo/ amagama usebenzisa uhlaka • Lungisa isipelingi usebenzisa isichazamazwi Gcina amagama ngokuthi uwabhale phansi nezincazelo zakhona usebenzise isichazamazwi sakho • Sebenzisa imidwebo noma amagama ukuhombisa incazelo njl.	Ukusebenza ngamagama • Pela kahle amagama ajwayelekile usebenzisa isichazamazwi sakho • Sebenzisa isichazamazwi ukuhlola/ukubheka isipelingi kanye nencazelo yamagama • Ukusebenza ngemisho • Sebenzisa indlela yokulayeza. • Sebenzisa ubuye uqonde indlela ephikisayo • Sebenzisa izinkathi (tenses) isib. 'UPhila uhambile.' • Yethula ukusebenza kobunye nobuningi ngendlela efanele Ulwazimagama olutholaka kungqikithi • Amagama athathwe embhalweni wokufunda ngokuhlanganyela nangayedwa

IBANGA LE – 4				
ITHEMU YOKU – 1				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
9-10	Ukulalela ingoma/inkondlo elula Umbhalo othathelwe encwadini noma kufayela kathisha - Xoxa ngomqondo ophakathi (central idea) - Hlanganisa nokwaziyo - Humusha uma kufanele - Khomba/bona amagama aqala ngomsindo ofanayo - Veza imizwa eqhuqhuzele/ ekhuthazwe umbhalo - Cula iculo/imigqa ekhethiwe Dlala umdlalo wolimi - Landela imiyalelo ngokufanele - Sebenzisa ulwazimagama Uzejwayeza ukulalela nokukhuluma ukunothisa/ ukuthuthukisa ulimi (khetha okukodwa ukuzilungiselela kwansuku zonke) - Shono umlolozele olula, inkondlo noma iculo - Phendula imiyalelo ngokuthi wenze - Dlala umdlalo olula wolimi - Gcizelela ukuzilungiselela kwemisindo	Funda i/izinkondlo ezilula - Umbhalo othathelwe encwadini noma kufayela kathisha - Okwandulela ukufunda: qagela usebenzisa isihloko nezithombe - Sebenzisa amasu okufunda, isib. ukuqagela, ukubuka ngokuqaphela izithombe, ukusetsheniziswa kwengqikithi - Phendula imibuzo ngombhalo - Bona isigqi nemvumelwano - Hlakaza amagama ngokwamalunga - Veza imizwa egququzelwa umbhalo Funda uxazulule iphazili yamagama (ukuze uzithuthukise) - Pela amagama ngokufanele - Khombisa ukuyiqonda incazelo yamagama Uluzilolongela ukufunda - Funda kuzwakale uphimise ngendlela, ngesigqi esifanele nangomumo wobuso oyiwo Veza/khombisa umbhalo ofundiwe ngesikhathi sokufunda ngayedwa/ngababili - Khombisa/veza impendulo usebenzise imizwa (okuthandayo nongakuthandi) ngokombhalo ofundiwe.	Yethula umbhalo Bhala imisho emi 2 – 3 ngenkondlo ekhethiwe usebenzisa uhlaka - Bhala amabinzana/imishwana elula Sejwayeze ukubhala ukuze uzithuthukise - Bhala amagama aqala ngomsindo ofanayo, isib. nambitha, nakekela Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho - Sebenzisa imidwebo noma imisho/imishwana/amagama usebenzisa amagama noma uchaze ukukhombisa izincazelo, njll.	Ukusebenza ngamagama - Amagama ahambisanayo, isib. uqwembe nekhasi konke ukuthola “encwadini” Ukusebenza ngemisho - Sebenzisa umbuzi - Sebenzisa umbabazi Ulwazimagama ngokwengqikithi - Amagama athathwe kumbhalo wokufunda ngokuhlanganyela noma ngayedwa

IBANGA LE – 4				
ITHEMU 2				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
11-12	Ukulalela indaba Khetha imibhalo yesimanje enobuqiniso yokuziqambela/ yasendulo enezindaba zesintu/enezehlo eziyingozi/izindaba zangempela. Umbhalo osuselwa ezincwadini noma efayila lemithombo likathisha (TRF) • Qagela ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka • Phendula imibuzo elula. • Phinda futhi uxoxe indaba ngokuyikho. • Yisho abalingiswa bendaba ngokufanele. • Ubona abalingiswa ngendlela abachazwa ngayo ngomlomo • Veza imibono yakhe ngendaba Zilolongele ukulalela nokukhuluma ukuze uzithuthukise (khetha okukodwa ongazilolonga ngakho nsukuzonke) • Shono umlozelo olula, inkondlo noma iculo • Phendula imiyalelo ngokuthi wenze • Dlala umdlalo olula wolimi • Gcizelela ukuzilungiselela kwemisindo	Funda indaba Umbhalo othathelwe encwadini noma kufayela kathisha • Ukufunda okwandulelayo nokuxoxa: sebenzisa isihloko nezithombe ukuqagela • Phendula imibuzo ngendaba • Bona indawo nomlingisi Yenza umsebenzi wokuqonda wombhalo (ngomlomo) • Xoxa ngolwazimagama lombhalo ofundiwe • Sebenzisa isichazamazwi Zilolongele ukufunda • Funda kuzwakale uphimisa, ukhombise ngobuso nangesivini esifanele	Yethula umbhalo Bhala umyalezo omfishane • Khetha indikimba efanele • Yethula umbhalao kumuntu • Gcina ngegama lakho Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho • Sebenzisa imidwebo noma imisho/imishwana usebenzisa amagama noma izincazelo ukukhombisa incazelo, njll.	Ukusebenza ngamagama • Funda ukupela amagama usebenzisa ulwazi lwemisindo isib. Yakha amagama anemisindo ezwakala ngokufana. • Yakhela olwazini lwamagama ajwayelekile nalawo owabona/ owasebenzisa njalo • Sebenzisa ulwazi lokuhleleka ngokwama-alfabhethe ukuthola amagama kusichazamazwi. • Izibonelo zobunye nobuningi • Sebenzisa amabizo obulili (isib. inkomazi/ inkunzi) Ukusebenza ngemisho • Yakhela ekusetshenzisweni kwamabizo qho. Ulwazimagama ngokwengqikithi • Amagama athathelwe embhalweni ofundwe ngokuhlanganyela nangayedwa

IBANGA LE – 4				
ITHEMU 2				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
13-14	Lalela ulwazimbhalo isib. izihloko ezilula njengexoxo oyenza usesitolo noma egaraji • Umbhalo othathwe encwadini noma kufayela kathisha • Bona imininingwane ethile • Khuluma/ xoxa ngokwake kwakwehlela • Humusha uma kunesidingo Lalela ubuye wenze elula landela imiyalelo/ izincazelo • Khombisa ulwazimagama amayelana nengxoxo/ imiyalelo/incazelo Lalela incazelo nokuchazwa kwento • Bona into echazwe ngokufanele • Sebenzisa amagama achaza into ngokufanele • Sebenzisa amagama amasha • Sebenzisa isiphawulo Zilolongele ukulalela nokukhuluma (khetha okukodwa ozozilonga ngakho nsukuzonke) • Yenza umlolozelo olula, inkondlo noma iculo • Phendula ngokwenza ulandele imiyalelo • Dlala umdlalo wolimi olula • Gcizelela ukuzilonga ngemisindo	Funda ulwazi mbhalo olunezithombe isib. izithombe/amabalazwe/ imidwebo/nezithombe • Umbhalo othathwe encwadini noma kufayela kathisha • Okwandulela ukufunda: ukuqagela usebenzisa isihloko nezithombe • Buza uphendule imibuzo elula • Xoxa ngomqondo ovelele • Humusha ulwazi ngokwezithombe Funda umbhalo obukwayo/obonwayo isib. iphosta ekhangisa izehlakalo • Okwandulela ukufunda: xoxa usebenzise izithombe • Humusha ulwazi • Xoxa ngenhloso yombhalo • Xoxa ngolimi olusetshenziwe • Bona uchaze indlela izinto ezakheke ngayo njengemibala nezinhlobo zemibhalo	Bhala ulwazimbhalo olwelekelelayo (usebenzise uhlaka) • Qedla umbhalo ngegama elishodayo/ udingqo umbhalo • Sebenzisa ulwazimagama olufanele • Sebenzisa amagama amasha athathelwe kumbhalo ofundiwe. • Yakha umbhalo obonwayo, isib. iphosta ekhangisa ngokwenzekayo • Yethula umbhalo • Khetha ulwazi olufanele • Sebenzisa izimo ezifanele • Sebenzisa isimo sokwenza esiyisisekelo esifana nombala, osayizi abhlukene noma izinhlobo zemibhalo Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo kusichazamazwi sakhe (umfundi) • Sebenzisa imidwebo noma imisho/imishwana usebenzisa amagama noma izincazelo ukukhombisa incazelo, njll.	Ukusebenza ngamagama • Yethula ubuningi • Amagama anonkamisa abanemisindo ezwakala imide: Ukusebenza ngemisho • Qonda usebenzise ongumnini (isib.amehlo kaNoluthando) • Bukeza amabizo • Yethula izinkathi (tenses) Ulwazimagama ngokwengqikithi • Amagama athathelwe embhalweni ofundwe ngokuhlanganyela nangayedwa • Amagama amqondofana (isib. umnyango/isicabha)

IBANGA LE – 4				
ITHEMU 2				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
15-16	Lalela indaba Khetha kuzindaba ezindala/okwake kwakwehlela/enezehlo eziyingozi/izehlo eziyiqiniso • Umbhalo othathelwe encwadini noma kufayela kathisha • Qagela ukuthi yini ezokwenzeka • Phendula imibuzo elula • Amagama abalingisi endabeni • Ukukwazi ukubona umlingisi ngokuthi achazwe ngomlomo Ukuzilolonga ukulalela nokukhuluma (khetha okukodwa ongazilolonga ngakho nsukuzonke) • Wenza/usho umlozelo olula, inkondlo noma iculo • Ukuphendula/ukulandela imiyalelo ngokwenza • Dlala umdalo wolimi olula • Gcizelela ukuzilolonga ngemisindo	Funda indaba Umbhalo othathwe encwadini noma kufayela kathisha • Ukufunda okwandulelayo kanye nokuxoxa: sebenzisa isihloko kanye nezithombe ukuqagela • Phendula imibuzo ngendaba • Ukwethula isimo nomlingisi Wenza umsebenzi ngombhalo (ngomlomo) • Xoxa ngolwazimagama olusha oluthathelwe embhalweni ofundiwe • Sebenzisa isichazamazwi Ukuzilolonga ukufunda • Funda kuzwakale usenzisa impimiso efanele nesivinini esifanele	Bhala umyalezo/ amanothi omfishane • Khetha okuqukethwe okufanele • Xoxela umuntu ngobhalo othile • Gcina ngegama lakho Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo kusichazamazwi sakho • Sebenzisa imidwebo noma imisho/ imishwana uchaze ukukhombisa incazelo, njll.	Ukusebenza ngamagama • Sebenzisa ulwazi lokuhlela amagama ngokwama-alfabhehi ukuthola amagama kusichazamazwi • Gcizelela ubunye nobuningi • Sebenzisa ubulili kumabizo athile (isib. inkomazi/inkunzi) Ukusebenza ngemisho • Ukwakhiwa kwamabizozho • Yethula izenzo • Sebenzisa izinhlobo ezahlukene zeziphawulo • Ukuqonda nokusebenzisa izinkathi • Ukukwazi ukusebenzisa izingasenzo Ulwazimagama olutholakala kwingqikithi • Amagama athathwe embhalweni ofundwe ngokuhlanganyela nangayedwa

IBANGA LE – 4				
ITHEMU 2				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
17-18	Lalela wenze noma ulandele imiyalelo eyisisekelo, isib. iresiphi/imiyalelo yokwenza okuthile Umbhalo othathwe encwadini noma kufayela kathisha • Xoxa ngemininingwane ethile yombhalo • Buza imibuzo ukuze uthole ulwazi • Lalela wenze ngendlela efanele Nikeza imiyalelo (okungenani ibe mibili) • Sebenzisa ulwazimagama olufanele • Yethula ukusebenza kwesenzo • Nikeza imiyalelo ngokulandelana kwayo Zilolonge ngokulalela nokukhuluma (khetha ongazilolonga ngakho njalo ngosuku) • Landela imiyalelo ngokuthi wenze • Nikeza ulandele imiyalelo elula/ izinkombandlela • Gcizelela ukufundwa kwemisindo	Funda umbhalo wohlelo oluyisisekelo isib. iresiphi/imiyalelo yokwenza into ethile Umbhalo othathwe encwadini noma kufayela kathisha • Ukwendlalela ukufunda ngokuthi uxoxe: sebenzisa izithombe nezihloko ukuqagela • Xoxa ngemininingwane ethile yombhalo • Xoxa ngokulandelana kwemiyalelo	Yethula umbhalo Bhala ngohlelo ngokwelekelelayo Umbhalo othathwe encwadini noma kufayela kathisha • Qedela/faka imininingwane ohlakeni • Sebenzisa imininingwane ethile • Hlala esihlokweni esisohlakeni • Sebenzisa uhleo olufanele, isipelingi kanye nezimpawu zokuloba • Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho Lebula ubye/noma uqedele umbhalo obukwayo, isib. umdwebo/izithombe/ amakhathuni/ amabalazwe/izithombe • Lalela/ufunde ulwazi olufaka ininingwane ethile • Sebenzisa ulwazimagama olufanele • Bhala ilebuli endaweni efanele Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho • Sebenzisa imidwebo noma imisho/ imishwana/amagama noma izincazelo ukukhombisa izincazelo njll.	Ukusebenza ngamagama Amagama anomsindo wonkamisa abezwakala bedonsa/bebade: • Pela amagama ajwayelekile ngendlela efanele, usebenzisa isichazamazwi sakho ubhale nendlela okupelwa ngayo amagama nezincazelo zakhona • Sebenzisa ulwazi lwamagama ajwayelekile nasetshenziswa njalo Ukusebenza ngemisho • Sebenzisa umyalo wohlobo oluthile lwesenzo, isib. hamba, mana • Fundisa indlela yokubuza/ebuzayo Ulwazimagama olutholakala kwingqikithi • Amagama aphikisanayo, isib. kakhulu/kancane, asuselwe kumbhalo ofundiwe
19-20	UKUHLOLA NGOKUPHELELE			

IBANGA LESI – 4				
ITHEMU YE – 3				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
21-22	Lalela umbhalo wolwazi isib. izihloko ezilula ezifana: “umndeni wami” Umbhalo othathwe encwadini noma efayeleni kathisha • Bona iminingwane ethile • Xoxa ngokwaziyo • Humusha uma kunesidingo Lalela wenze njengokwemiyalelo eshiwo ngomlomo/ echazayo • Landela incazelo • Khombisa ukuqonda ulwazimagama ngokwenzazelo Zilolongele ukulalela nokukhuluma ukuze uzithuthukise (khetha okukodwa ongazilolonga ngakho nsukuzonke) • Shono umlozelo olula, inkondlo noma iculo • Dlala umdlalo wolimi olula • Nikeza ubuye ulandele imiyalelo/ izinkombandlela • Shono izindaba zakho • Phinda uxoxe futhi indaba owake wasizwa noma wasifunda • Gcizelela ukuzilolonga ngemisindo	Funda ulwazi lombhalo obonwayo isib. izithombe/amabalazwe/ imidwebo Umbhalo othathwe encwadini noma kwifayela kathisha • Ukufunda kwangaphambili nengxoxo:sebenzisa isihloko, izithombe/ imifanekiso ukuqagela • Buza uphendule imibuzo elula • Xoxa ngomqondo ovelele • Humusha ulwazi olukwimifanekiso Yenza ngokuqonda umsebenzi osembhalweni (ngomlomo) • Funda umbhalo olula • Xoxa ngomqondo ovelele • Phendula imibuzo elula Zilolonge ngokufunda • Funda kuzwakale uphimise ngendlela amagama, ukhombise izimpawu nesivinini	Yethula umbhalo Lebula noma uqedele umbhalo wemifanekiso isib. umdwebo/ izithombe/amabalazwe • Lalela/funda ulwazi olufaka imininingwane ethile • Sebenzisa ulwazimagama olufanele • Bhala amalebuli endaweni efanele Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho • Sebenzisa imidwebo noma imisho/ amagama/imishwana ukukhombisa incazelo, njll.	Ukusebenza ngamagama • Sebenzisa ulwazi lwemisindo ukupela amagama, isib. yakha amagama anemisindo efanayo • Sebenzisa ulwazi lwamagama asetshenziswa njalo najwayelekile • Sebenzisa izinhlobo zaamabizo ukwakha ubunye nobuningi Ukusebenza ngemisho • Yakha imisho usebenzise izabizwana zoqobo (isib. mina, wena, yona, bona, thina) • Yakha imisho usebenzise isabizwana sokukhomba (isib. lokhu lokho, lezi, lezo) Ulwazimagama engqikithini • Sebenzisa amagama athathwe embhalweni ofundwe ngokuhlanganyela nangayedwa

IBANGA LESI – 4				
ITHEMU YE – 3				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
23-24	Bamba iqhaza ezingxoxweni ezimfishane ngesihloko esejwayelekile • Ukunikezana amthuba • Uhlala esihlokweni • Ubuza imibuzo eqondile Uzilolonga ukulalela nokukhuluma ukuze azithuthukise olimini (ukhetha okukodwa ongazilolonga ngakho nsukuzonke) • Uhaya/usho umlozelo olula, inkondlo noma iculo • Udlala umdlalo wolimi olula • Unikeza alandele imyalelo/ izinkombandlela ezilula • Uxoxa izindaba zakhe • Uxoxa futhi indaba ayifundile noma ayizwile • Ugcizelela ukuzilolonga kusetshenziswa imisindo	Ufunda ulwazimbhalo, isib. umbhalo omfishane/indaba/ inkondlo/iculo • Umbhalo othathelwe encwadini noma kufayela kathisha • Ukufunda okwandulelayo nengxoxo:sebenzisa isihloko nezithombe ukuqagela • Uphendula imibuzo elula, isib. Ini? Ubani? Nini? Yethula imibuzo ethe ukuqina njengale: Kungani.....? Uthini owakho umbono.....? Wenza umsebenzi ngombhalo (ngomlomo) Zilolonge ngokufunda • Funda kuzwakale ukuthuthukisa indlela yokuphimisa nokwenza	Yethula umbhalo Bhala umbhalo omfishane • Qedela umbhalo ngamagama afanele • Sebenzisa ulwazimagama olufanele • Sebenzisa amagama amasha otholakele embhalweni ofundiwe • Sebenzisa isichazamazwi ukubheka isipelingi nencazelo yamagama Gcina ngokubhala phansi izincazelo kusichazamazwi sakho • Sebenzisa imidwebo noma imisho usebenzisa amagama noma izincazelo ukukhombisa incazelo	Ukusebenza ngamagama • Usebenzisa ulwazi lolukhuleka ngokwama-alfabhethe nezinhlamvu zokuqala egameni ukuthola amagama kusichazamazwi • Ugcizelela amagama aqala ngezinhlamvu ezikhethiwe Ukusebenza ngemisho • Usebenzisa amabizo nobuningi, ubukeza amabizo afundiwe • Uqala ukusebenzisa amagama anqumayo njengokuthi: kunye, kubili, njll, nokuthi: owokuqala, owesibili, owokugcina, njll. Ulwazimagama kwingqikithi • Amagama athathelwe kumbhalo wokufunda ngokuhlanganyela noma ngayedwa

IBANGA LESI – 4				
ITHEMU YE – 3				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
25-26	Ulaleda ulwazi olutholakala kumaphosta • Ubona imininingwane ethile • Ulaleda abuye alande ngolwazi analo • Uxoxa indaba ngamagama akhe • Uyahumusha Ulaleda inkondlo/iculo ukuze azithuthukise • Uxoxa ngokuthi onkondlo imayelana nani • Ulanda ngaye uqobo • Ukwazi ukubona umlozelo nesigqi • Ukwazi ukubona amagama aqala ngomsindo ofanayo • Ukhombisa imizwa evuswa yinkondlo • Uhaya inkondlo/imigqa ethile ekhethiwe • Uzilolongela ukulalela nokukhuluma ukuze azithuthukise • Uyazililonga esebenzisa amagama anemisindo efana neyawo isib.inyosi, inyoni, unyawo, njll. • Ugcizelela ukusetshenziswa kwemisindo	Ufunda ulwazi olutholakala kumaphosta anemifanekiso • Ukufunda okwandulelayo: uxoxa ngezithombe • Uxoxa ngomayelana nombhalo • Ukwazi ukubona ulwazi oluthile • Uthola aqonde ulwazi • Uxoxa ngenhlosos yombhalo • Uxoxa ngokusetshenziswa kolimi • Ubona axoxe ngezakhi eziyisisekelo ezifana nezinhlobo zosayizi noma izindlela ezahlukeni zokubhala Ufunda inkondlo/izinkondlo/iculo ukuze azithuthukise • Ukufunda okwandulelayo: usebenzisa isihloko nezithombe ukuqagela • Usebenzisa amaqhinga okufunda ebe elekelelwa, isib. ukuqagela, ukubuka izithombe noma umbhalo ngokunakekela • Ubona umlozelo nesigqi • Uhlakaza amagama ngokwamalunga • Ukhombisa imizwa evuselelwa inkondlo Uzilolongela ukufunda • Ufunda kuzwakale esebenzisa impimiso efanele	Wethula umbhalo Wakha akhiqize umbhalo onemifanekiso isib. iphosta noma isaziso • Usebenzisa indlela eyiyo yokubhala • Ukhetha ulwazi olufanele/okuyilo • Usebenzisa izakhi eziyisisekelo ezifana nezinhlobo ezahlukeni zokubhala/osayizi abehlukeni Ubhala imisho • Ubhala imisho • Usebenzisa ulwazimagama olufanele • Usebenzisa ulwazi lwamalunga ukuthuthukisa amagama amasha Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho • Usebenzisa imidwebho noma imisho esebenzisa amagama ukukhombisa incazelo	Ukusebenza ngamagama • Amagama aqala ngezinhlamvu ezikhethiwe Ukusebenza ngemisho • Uqonda asebenzise amabizo anobuningi (isib.incwadi – izincwadi) • Usebenzisa iziphawulo ngaphambi kwamabizo isib.Inja encane. • Ukusebenzisa isenzo • Ukusebenzisa amagama athathwe embhlweni ofundwe ngokuhlanganyela noma ngayedwa

IBANGA LESI – 4				
ITHEMU YE – 3				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
27-28	Ulalela umbhalo wolwazi isib. ukukhuluma okungamaqiniso/ukuchaza • Umbhalo othathwe encwadini noa kufayela kathisha Ulalela ukuchazwa kwento abuye achaze izindawo/izitshalo/izilwane/izinto • Ukwazi ukubona izindawo ngendlela eyiyo • Usebenzisa amagama achyichaza kahle indawo • Usebenzisa amanye amagama amasha • Ukusebenzisa isiphawulo Uzilolonga ngokulalela nokukhuluma ukuze azithuthukise (khetha okukodwa ongazilolonga ngakho) • Uhaya inkondlo, umlozelo noma iculo elilula • Udlala umdlalo wolimi olula • Unikeza alandele imiyalelo nezinkombandlela ezilula • Uxoxa izindaba zakhe • Uxoxa futhi indaba ayizwile noma ayifundile • Gcizelela ukufundwa kwemisindo	Ufunda ulwazimbhalo olunemifanekiso isib. amabalazwe/izithombe • Umbhalo othathwe encwadini noma kufayela kathisha • Ukufunda kwangaphambilini: sebenzisa isihloko nezithombe/imifanekiso ukuqagela • Sebenzisa amasu okufunda • Bona uphawule ngomqondo ovelele neminingwane ethile ube welekelelwa • Humusha ulwazi olusembhalweni onemifanekiso	Yethula umbhalo Lebula/qedela umbhalo onemifanekiso isib. amabalazwe/amakhathuni/izithombe/imidwebo • Sebenzisa ulwazimagama olufanele • Lebula umbhalo ngendlela efanele • Sebenzisa umomo ofanele wokulebula, isib. igama elilodwa noma amabili nje kuphela Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho • Sebenzisa imidwebo noma imisho usebenzisa amagama noma uchaze ukukhombisa incazelo	Ukusebenza ngamagama • Sebenzisa isijobelelo u"wana" ukukhombisa izinciphiso • Qala ukusebenzisa isimo sesenzo • Qhubeka nokusebenza ngezenzo • Sebenzisa izihlanganiso (kodwa), isizathu (ngoba) kanye isizathu (ukuze). Ulwazimagama engqikithini • Amagama athathwe embhalweni ofundwe ngokuhlanganyela nangayedwa

IBANGA LESI – 4				
ITHEMU YE – 3				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
29-30	Ulaleda inkulumompikiswano ngesikhathi sokufunda kuzwakale, elalele umsakazo noma umabonakude Umbhalo othathwe encwadini noma kufayela kathisha Ukwethulwa kokulingisa noma esimweni esejwayelekile • Khetha ingqikithi efanele ngokusizwa • Sebenzisa ngokuqaphela imininingwane • Hlala esihlokweni • Ukushintsha usuka kolunye ulimi uye kolunye ngendlela efanele Ukuzilolonga ngokulalela nokukhuluma ukuze uzithuthukise (khetha okukodwa ongazilolonga ngakho nsukuzonke) • Uhaya umlozelo noma inkodno elula • Udlala umdlalo wolimi olula • Unikeza abuye alandele imiyalelo elula noma izinkomba • Uxoxa indaba yakhe • Uxoxa futhi indaba ayizwile noma ayifundile • Ugcizelela ukufundwa kwemisindo	Ufunda inkulumompendulwano Umbhalo othathwe encwadini noma kufayela kathisha • Ukufunda okwandulelayo: sebenzisa isihloko ukuqagela • Ukwazi ukubona imigqa yendaba • Xoxa ngabalingisi nesimo seshashalazi • Sebenzisa ulwazimagama oluyisisekelo ukuveza imizwa egqugquzelwe umbhalo • Uxoxa ngezimpawu zokuloba ezitholakala embhalweni nendlela okubhalwa ngayo Ukuzilolonga ukufunda • Funda kuzwakale uphimise, wethule futhi usebenzisa isivini esifanele	Yethula umbhalo Ubhala inkulumompendulwano esebenzisa uhlaka noma inkulomo ngqo • Khetha abalingisi abafanele • Hlela inkulomo ngokulandelana kwayo • Sebenzisa uhlakangendlela eyiyo • Sebenzisa inkulomo ngqo ngendlela efanele • Sebenzisa ulwazimagama • Sebenzisa uhlelo, isipelingi, izimpawu zokuloba nesivini ngendlela efanele Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho • Sebenzisa imidwebo noma imisho usebenzisa amagama noma izincazelo ukukhombisa izincazelo	Ukusebenza ngamagama • Pela amagana ajwayelekile ngendlela, usebenzisa isichazamazwi sakho. • Sebenzisa isichazamazwi sakho ukubheka isipelinginezincazelo zamagama Ukusebenza ngemisho • Sebenzisa ukuqonda nezinkathi (tenses) • Sebenzisa izandiso zesikhathi (isib.kusasa, izolo) • Uqala ukubona inkulumombiko kanye nezimpawu zokuloba ezihambelana nayo Ulwazimagama ngokwengqikithi • Amagama athathwe kumbhalo ofundwe ngokuhlanganyela noma ngayedwa

IBANGA LE – 4				
ITHEMU YE – 4				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
31-32	Ubamba iqhaza engxoxweni ngesihloko esejwayelekile (isib. Isikole sami) Umbhalo othathwe encwadini noma kufayela kathisha • Ubuza imibuzo efanele abuye aphenyule ngokufanele • Ugcina indaba • Uhlonipha imibono yabanye	Ufunda umbhalo omfishane Ukhetha izindaba zesimanje/zendabuko/ ezimayelana naye/ ezangempela • Umbhalo othathwe encwadini noma kufayela kathisha • Ukulungiselela ukufunda ngokwelekelelwa: sebenzisa isihloko nezithombe ukuqagela • Uphendula imibuzo elula questions Wenza umsebenzi wokuqondisisa umbhalo (ngomlomo) Ubheka umbhalo ofundwe ngesikhathi sokufunda ngayedwa/ ngababili • Umbhalo onemifanekiso ofundiwe	Ubhala isahlukwana ngkosizwa • Sebenzisa uhlaka ubuye uqedele ngamagama afanele • Usebenzisa ulwazimagama olwejwayelekile • Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho Gcina ngokubhala phansi amagama nezincazelo zawo kusichazamazwi sakho • Sebenzisa imidwebo noma imisho ube usebenzisa amagama noma izincazelo ukuthola incazelo yamagama	Ukusebenza ngamagama • Sebenzisa isichazamazwi ukubheka isipelingi kanye nencazelo yamagama uqale ngalezo zinhlamvu ezikhethiwe noma imisindo Ukusebenza ngemisho Qala ukusebenzisa amagama anqumayo, afana nalwaw: kunye, kubili, njll; okokuqala, okwesibili, okokugcina. Sebenzisa izinkathi Sebenzisa izandiso Ulwazimagama ngokwengqikithi • Amagama athathwe embhalweni ofundwe ngokuhlanganyela noma ngayedwa

IBANGA LE – 4				
ITHEMU YE – 4				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
35-36	Ulalela inkondlo/ izinkondlo Ufunda umbhalo wolwazi onezithombe, isib. amashadi/amathebula/ imifanekiso/amabalazwe egqondo/amabalazwe/ izithombe • Ukhumbula umqondo obalulekile • Uxoxisana ngephuzu elingumongo • Uhlobanisa nokwenzeka kuye • Uphawula imvumelwano kanye namagama aqala ngemisindo efanayo (ifanamsindo) • Uphawula aphinde uxoxisana ngokuqhathanisa (isib. izifaniso) • Wethula imizwa evuswe inkondlo • Uhaya izinkondlo/ imigqa ekhethiwe Uzilolonga ukulalela nokukhuluma (ukhetha ukuzilolonga okukodwa kosuku) • Uhaya inkondlo • Udlala umdlalo wolimi olula • Unika futhi alandele imiyalelo/ izinkombandlela • Uxoxisana ngesihloko • Uxoxa ngezigameko noma okwenzekayo ngokulandelana okufanele, ephendula imibuzo ngokuthi yini eyenzeke kuqala, okwesibili, okwesithathu, njll.	Wenza umsebenzi wokuqondisisa umbhalo (wokukhuluma noma obhalwayo) • Ufunda izinkondlo • Ukulungiselela ukufunda ukucabangela phambili esusela kusihloko nasezithombeni • Usebenzisa amasu okufunda, isib., usebenzisa amathiphu endikimba • Uphendula imibuzo ngenkondlo • Wethula imizwa evuswe inkondlo • Uxoxisana ngemvumelwano kanye nefanamsindo • Uxoxisana ngokuqhathanisa okwenziwe enkondlweni (izifaniso) Uzilolonga ukufunda • Ufunda kuzwakale ngokuzethula, ekhombisa ukuqonda • Ufunda kuzwakale ephimisa kahle, eshesha kanye nokuphakama nokwehla kwezwi Ucabanga ngombhalo ofundwe ngenkathi kufundwa ngokuzimela/ ngababili • Wenza ukubukezwa kwencwadi ookuhlelekile ngokwethula komlomo okuhle		

IBANGA LESI 6				
ITHEMU YESI – 4				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
37-38	Ubamba iqhaza ezingxoweni • Ubuza futhi aphenhule imibuzo • Uhlonipha abanye abafundi • Ulalela abanye abafundi futhi abakhuthaze ukuba bakhulume Ukubamba iqhaza kuzingxoxo • Uyaninga aphinde achaze amathuba okunokwenzeka • Usebenzisa uhlobo lwesimo • Ushitshisina ngamathuba • Uhlonipha imibono yabanye • Ukhuthaza abanye abafundi ukuba bakhulume Uzilolonga ukulalela nokukhuluma (ukhetha ukuzilolonga okukodwa kosuku) Uhaya inkondlo Udlala umdlalo wolimi olula Unika futhi alandele imiyalelo/ izinkombandlela Uxoxisana ngesihloko	Ufunda imibhalo yabezindaba, isib. ama-athikili amaphephabhuku/ umbiko wezindaba Umbhalo ovela embhalwenimdwebo noma kuFayela Yemithombo Kathisha (i-TRF) • Ukulungiselela ukufunda ucabangela phambili umbhalo umayelana nani ngokuwukha phezulu • Usebenzisa amasu okufunda, isib. ukufunda kudluliswa amehlo, ukufunda ukha phezulu ubheka amaphuzu abalulekile • Uphendula imibuzo • Uxoxisana ngombono obalulekile kanye neminingwane ethile • Uxoxisana ngokwendlalwa kanye nokwakhiwa kombhalo • Uqhathanisa ukwendlalwa kanye nesakhiwo kuleso sephephandaba Wenza umsebenzi wokuqondisisa umbhalo (wokukhuluma noma obhalwayo) • Uzilolonga ukufunda • Ufunda kuzwakale ephimisa, eshelela futhi ezethula ngemfanelo	Ubhala umbiko olula wezindaba esebenzisa uhlaka • Kumbandakanya ulwazi olufanele • Kumbandakanya umqondo ocacile nobalulekile • Uthuthukisa ulwazi ngendlela • Usebenzisa amagama okuhlanganisa futhi ahlele izigaba ngemfanelo • Usebenzisa ifomethi efanele • Usebenzisa uhlelo lolimi, uhlu lwamagama, isipelingi kanye nezimpawu zokubhala ezifanele Wakha iphosta • Kumbandakanya ulwazi olufanele kumbandakanya isithombe • Usebenzisa ifomethi efanele • Usebenzisa izimpawu zokwakheka ezifana nombala kanye nobukhuu obehlukeno noma izinhlobo ezehlukene zobungako bokubhalwa kwezinhlamvu • Wethula umbhalo wokugcina ngobunono, obonakalayo, noyidrafthi yokugcina.	Ukusebenza ngamagama • Sebenzisa isichazamazwi ukubheka isipelingi nencazelo yamagama • Amagama angena ohlwini oluthile lwamagama Ukusebenza ngemisho • Sebenzisa indlela yokubuzisa isib. Yini, nini, ngobani, yiphi, kanjani • Thuthukisa ukusebenza kwezihlanganiso ukhombisa isizathu nenhloso. • Qala ukusebenzisa izihlanganiso ukukhombisa ukukhetha (isib. Kungaba, ... noma...). • Inkathi ezayo (isib. 'Ngizombona kusasa') • Yakha ngokuqonda inkathi yamanje eqhubekayo Ulwazimagama engqikithini • Amagama athathelwe embhalweni ofundwe ngokuhlanganyela noma ngawedwa

IBANGA LESI 6				
ITHEMU YESI – 4				
Amasonto	Ukulalela nokukhuluma (okukhulunywa ngomlomo)	Ukufunda nokubukela	Ukubhala nokwethula	Izakhiwo nezimiso zolimi
37-38		Ufunda futhi aqonde umbhalo wokusakazi obhaliwe, isib. amaphosta kanye nezikhangiso • Ukulungiselela ukufunda uxoxisana ngezithombe • Uhumusha ulwazi • Uxoxisana ngenhloso yobhalo • Uxoxisana ngokunye ukusetshenziswa kolimi • Uphawula aphinde axoxisane ngezinto ezibonakala ngazo zokwakheka ezifana nombala kanye nobukhuu obehlukene noma izinhlobo ehlukene zobungako bokubhalwa kwezinhlamvu • Uxoxisana ngokwendlalwa • Uqhathanisa imibhalo ehlukene, isib. amaphosta kanye nezikhangiso Ucabanga ngombhalo ofundwe ngenkathi kufundwa ngokuzimela/ ngababili • Wabelana ngemibono esembhalweni	Usebenzisa inqubo yokubhala • Ubhala umbhalo wokuqala • Uyabukeza • Uyafunda elungisa amaphutha • Ubhala umbhalo wokugcina • Wethula umbhalo wokugcina ngobunono, obonakalayo Ubhala amagama kanye nezincazelo zawo kusichazamazwi sakhe • Ubhala imisho esebenzisa amagama noma izincazelo ukukhombisa okushiwoyo, njll.	
39-40	UKUHLOLA			

INGXENYE 4: UMHLAHLANDLELA WOKUHLOLA

4.1 ISINGENISO

Ukuhlola kuyinqubo eqhubekayo ehleliwe yokuphawula, yokuqokelela nokuhumusha ulwazi ngokusebenza kwabafundi, kusetshenziswa izinhlobo ezahlukene zokuhlola. kufaka phakathi izinyathelo ezine: ukwakha kanye nokuqokelela ubufakazi bokuphonyelelwe; ukuhlola ubufakazi; ukUbhala okutholakele kanye nokusebenzisa ulwazi ukuqonda futhi ngaleyo ndlela nokusiza ekuthuthukeni komfundi ukuze enze ngcono enqubeni yokufunda nokufundisa.

ukuhlola kufanele kube ngokuhleliwe (Ukuhlolwa Kokufundiswa) kanye nokungahleliwe (Ukuhlola Kokufunda). Kuzo zombili lezi zimo ukuthokala kombono obuyayo ojwayelekie kufanele kuhlinzekwe kubafundi ukwenza ngcono ukufunda.

Impumelelo yabafundi boLimi Lokuqala Olungeziwe ilele ehuhlolweni okungahleliwe njalo kanye notholakala kombono kathisha njengoba besebenza ngemibhalo kanye nemisebenzi. Uhlelo lokufundisa lubeka okuqokethwe okudingekayo, amakhono namasu adingekayo ukufundisa nokufunda esikhathi esingunyaka. Lokhu yilokhu okuzohlolwa emazinga akhulayo entuthuko ukuqhubeka kwesikhathi)/Akukhona konke okufundiswa okudinga ukuba kuhlolwe ngokuhleliwe. Kodwa-ke, kubalulekile ukuthi ukuqhubeka kwabafundi kuhlolwe ngezinhlelo zokuhlolwa okuhleliwe nokungahleliwe, njengoba lokhu kunika ulwazi ukuhlela.

Amakhono abafundi okulalela, ukukhona kokomlomo, ikhono lokuphendula imibuzo, ukubamba iqhaza ezingxoxweni kanye namakhono okubhrekhoda okubhaliwe lapho kudingeka kufanele aqashelwe nsuku zonke.

Kubalulekile, futhi, ukuthi ukuqonda kwabafundi ukuthi bafunda kuhlolwe futhi hhayi nje ikhono labo lokubona nokuhumusha amagama. uhlolwa kokufunda kufanele ngaleyo ndlela kwenziwe njalo futhi futhi kubai nje into eyenzeka kanye. Ukuhlolwa kokufunda okuhleliwe kufanele kugxile ekundeni kuzwakale kanye nakumisebenzi ezokusiza ukuthola ukuthi umfundi uqonde okuningi kangakanani, isibonelo, ukuxoxa futhi indaba noma ukuphendula imibuzo.

Ukuhlolwa komsebenzi obhaliwe kuzogxila kakhulu kwikhono lomfundi lokudlulisa umqondo, kanye nokuthi babhale kahle kangakanani, isibonelo, izinhlobo zolimi nokusetshenziswa okuhle, isipelingi nezimpawu zokubhala. konke ukuhlola kufanele kwazise ukuthi ukufundwa kolimi kuyinqubo kanye nokuthiabafundi angeke bakwazi ukukhiqiza umsebenzi ofanele ngokuphelele besaqala nje. Ngakho-ke, amazinga ahlukeni enqubeni yokubhala kufanele ahlolwe.

Uma unikeza umsebenzi ohleliwe, kufanele kube nokugxila ekhonweni elithile, isibonelo, uKulalela Nokukhuluma, noma ukuFunda noma ukuBukela. Kodwa-ke. ngenxa yokuthi ukufunda ulimi kuyinqubo embandakanyayo, amakhono adlula kwelilodwa azosetshenziswa. izinhlobo zolimi kufanele zihlolwe ngokwendikimba. Kufanele kuqinisekise ukuthi ukuhlola akwenziwa kuphela njengomsebenzi obhalwayo, kodwa kuvumela umsebenzi wokwenza kanye nowomlomo ngokunjalo. Kubalulekile ukuhlola ukuthi abafundi baqonda ini futhi hhayi lokho abakugcina ezingqondweni nje, ngakho kuhlale amakhono ngokwendikimba ngokukhonekayo, isib. abafundi bangapela onke amagama ngemfanelo ngesikhathi sokuhlola ngoLwesihlanu, kodwa ingabebayakwazi ukusebenzisa lawo magama abawapele kahle uma bebhala/berekhoda izindaba zabo noma indaba.

Ukufundisa nokuhlola izilimi kufanele kuhlinzekele ukumbandakanywa kwabo bonke abafundi, futhi amasu kufanele atholwe okusiza bonke abafundi ukufinyelela noma ukukhiqiza imibhalo. Abanye abafundi abanezihibe bangekwazi ukufeza izinhlosio njengoba zethulwa okuNqubomgomo Yesitatimende soHlelo Lwezifundo.

4.2 UKUHLOLWA OKUNGAHLELIWE NOMA KWANSUKU ZONKE

Ukuhlelela ukufundisa kuhlose yokuqhubeka nokuqokela ulwazi ngokuphumelela komfundi okungasetshenziswa ukwenza ngcono ukufunda kwabo.

Ukuhlola okungahleliwe kunguqapha kwansuku zonke kokusebenza kwabafundi. lokhu kwenziwa ngokubheka, izingxoxo, ukubonisa ngokwenza, imihlangana kathisha nomfundi, ukuxhumana okungahleliwe ekilasini, njll. Ukuhlola okungahleliwe kungalula njengokuma ngesikhathi sesifundo ubheke abafundi noma uxoxisane nabafundi ngokuthi kuqhubeka kanjani ukufunda. Ukuhlolwa kokukhona kolimi kuzoba ngohlobo lokubheka, imisebenzi ebhaliwe, imisebenzi yomlomo kanye nokwethula, ukuhlola okubhaliwe, ukufunda kuzwakale kanye nezinye izinhlobo zokuhlola. Ukuhlola okungahleliwe kufanele kusetshenziswe ukwazisa abafundi futhi nokunika ulwazi ukuhlelela ukufundis, kodwa kadingi ukuba kurekhodwe. Kufanele kuthathwe njengomisebenzi yokufunda eyenziwa ekilasini futhi kungadingeka ukuba usebenzise imisebenzi eminingi yokufunda ukuhlola ukusebenza kwabafundi ngokungahleliwe. Kwezinye izimo, ungahle udinge uhlobo oluthile lwemisebenzi yokuhlola ukukhuthaza abafundi bakho ukuba bafunde, efana nemibhalo yesipelingi yanjalo. abafundi nopma uthisha bangamaka lemisebenzi yokuhlola.

Kuyanconywa ukuthi usebenzise amasonto okuqala amabili ethemu uhlole ngokuphelele abafundi. Ufanele usebenzi le misebenzi enikwe emavikini okuqala amabili ezinhlelo zokufundisa ukwenza lokhu kuhlola. Lokhu kuzokuvumela ukuba uthole ukuthi yikuphi ukunaka abafundi bakho abazokudinga njengaba uqhubeka.

Ukuzihlola kanye nokuhlolana kontanga kufaka abafundi ekuhloleni. Kubalulekile njengoba lokhu kuvumela abafundi ukuba bafunde futhi babike ekusebenzeni kwabo. Umphumela wemisebenzi yokuhlola kwansukuzonke okungahleliwe akuvamile ukuba irekhodwe ngaphandle uma uthisha efisa ukwenza njalo. Uthisha angahle afise ukugcina amarekhodi okungahleliwe okuthi umfundi ngamunye usebenza kanjani ezindaweni zesifundo futhi ukusiza ekuhloleni nasekuqinisekiseni ukuthi abafundi ngabanye baba nekhono elidingekayo nokuqonda. Umphumela wemisebenzi yokuhlolwa kwansuku zonke awunakwa ngesikhathi sokudluliselwa phambili noma ukukhishwa kwezitifiketi.

4.3 UKUHLOLA OKUHLELIWE

Yonke imisebenzi eyenza uhlelo lokuhlola oluhleliwe yonyaka ithathwa njengokuHlolwa Okuhleliwe. Imisebenzi yokuhlola okuhleliwe iyamakwa futhi irekhodwe nguthisha ukwenzela izinhloso zokuqhubeka nokukhishwa kwezitifiketi. Yonke imisebenzi yokuHlola Okuhleliwe ifanele ilawulwe ukwenzela inhloso yokuqinisekiswa kwekhwalithi kanye nokuqinisekisa ukuthi amazinga afanele ayagcinwa.

Ukuhlola okuhleliwe kuhlinzeka uthisha ngendlela ehlekile yokuhlola ukuthi abafundi baqhubeka kanjani ebangeni nakusifundo esithile. Izibonelo zokuhlola okuhleliwe zimbandkanya ukuhlola, izivivinyo, imisebenzi eyenziwayo, amaphrojekthi, ukwethula ngomlomo, ukukhombisa (okufana nokuxoxa indaba futhi, ukumatanisa), imiboniso (ukulingisa), ama-eseyi, ukubamba iqhaza emisebenzi yomlomo (efana nezinkulomompendulwani, izingxoxo, ukuxoxisana), imisebenzi ebhalwayo (efana nokuqedela iwekhishidi, ukubhala izigaba noma ezinye izinhlobo zemibhalo), njll. Imisebenzi yokuhlola okuhleliwe iba yingxenye yokuHlelo Lokuhlola lonyaka ebangeni ngalinye nakusifundo. Imisebenzi yokuhlola okuhleliwe kufanele ingahloli ulwazi nekhono lomfundi kuphela, kodwa nokusetshenziswa kolimi kundikimba.

Ekuhloleni okuhleliwe, sebenzisa amamemorandamu, amarubhrikhi, izinhla zokuhlola kanye namazinga okukala kanye namanye amathuluzi okuhlola ukubheka, ukuhlola nokUbhala amazinga abafundi okuqonda nekhono. Khetha ithuluzi lokuhlola elifanele kakhulu uhlobo lomsebenzi. Isibonelo, irubhrikhi ifaneleka kakhulu kunememorandamu

ezintweni ezibhaliwe zokuqamba. Imemorandamu ifaneleka kahle ekuhloleni isipelingi noma emsebenzini wokufundela ukuqonda.

Izidingo zokuhlola okuhleliwe Izidingo zoLimo Lokuqala Olwengeziwe zinjengoba zilandela.

- Imisebenzi emibili yokuhlola okuhleliwe kwlthemu yesi- kwamathathu okuqala kufane iqediwe bese owodwa kwlthemu yesi- lesine, okwenza izimba seyisikhombisa uma iziphelele ngonyaka. Le misebenzi eyisikhombisa yokuhlolwa okuhleliwe yenza ama-75% yemaki eliphelele loLimo Lokuqala Olwengeziwe emaBangeni 4, 5 no-6. Ieli maki lokuhlolwa okuhleliwe limbandakanya ukuhlolwa kwaphakathi nonyaka noma isivivinyo, uma sinikezwa.
- Umsebenzi wokuqala wokuhlolwa okuhleliwe ngethemu elilodwa ufanele wenziwe maphakathi nethemu. Umsebenzi wesibili wokuhlolwa okuhleliwe ngethemu ufanele wenziwe ngasekupheleni kwethemu.
- Kuzoba nesivivinyo ekupheleni konyaka iziba ngama-25% emaki.
- UMsebenzi wokuhlolwa ngakunye okuhleliwe wenziwa imisebenzi ehlola ukuLalela Nokukhuluma, ukuFunda, ukuBhala, kanye noKwakheka Nokusetshenziswa Kolimi, futhi kufanele kwenziwe esikhathi esiizinsuku. Ukwakheka nokusetshenziswa kolimi kufanele kuhlolwe ngokwendikimba.
- Imisebenzi yokuhlola okuhleliwe kufanele ihlole izinto ezahlukene zamakhono olimi ukuze izinto ezibalulekile zihlolwe esikhathini sethemu kanye nonyaka. Qinisekisa ukuthi lezi zinto zihloliwe ngokungahleliwe futhi ulwazi oluvela kuthisha luya kumfundi lunikwa umfundi ngaphambu kokuba bahlolwe ngokuhleliwe.
- konke ukuhlola kweZinga Eliphakathi okwangaphakathi.

Izinhlobo zokuhlola ezisetshenziswayo kufanele zifaneleke ngokweminyaka nezinga lentuthuko. Ukwakheka kwale misebenzi kufanele wenze okuqukethwe yisifundo futhi kufake imisebenzi ehlukeneyakhelwe ukufeza izinhloso zesifundo

Imisebenzi yokuhlola okuhleliwe

Umsebenzi ngamunye wokuhlola okuhleliwe kufanelewenze lezi zinto ezilandelayo futhi ube nesikali esilandelayo. Kufanele ususelwe olwazini namakhono enziwe maphakathi nalelo themu. Izibonelo ezinikwe ngezansi zezenze ukufanekisa uhlobo lomsebenzi okufanele wenziwe. Sebenzisa izinhlelo zethemu zebanga ngalinye ukukhetha uhlobo lemisebenzi futhi ufake amakhono adingekayo engxenyeni ngayinye yomsebenzi wokuhlola okuhleliwe. Isibonelo, uma ufaka umsebenzi wokuqamba eBangeni 4, lthemu yesi- 1 futhi ufuna abafundi ukuba babhale inkondlo, ungabalindela ukuba “babhale imisho engubude obulinganayo enemvumelwano”, njengoba lokho kuzobe kuyilokho obafundise kona. Uma usebenzisa umbhalo wolwazi kuthemu yokuqala, kuzofanele babhale basebenzise uhlaka efanele. Ngokunjalo ukuLalela Nokukhuluma, angeke ucele abafundi ukuba banikeze ngenkulumo emfushane eBangeni 4, lthemu yesi- 1, njengoba lokho kufundiswa kamuva.

Izidingo zokwakha umsebenzi zinikwe ngamaphesenti. Ipho amaphesenti engamashumi amabili ekhonweni lolimi ekhonjisiwe, kusho ukuthi ukwabiwa kokugcina kwamamaki alelo khono afanele abe ngamashumi amabili esamba futhi hhayi amamaku angamashumi amabili. izikole azibekelwanga inani lamamaki elabiwe lekhono lolimi inkani nje isikalo sekhono ngalinye sihlonishwa kwikhono ngalinye ngokuhambelana nephesenti elabiwe. Ebbangeni lesine isibonelo, ukuhlolwa kolwazi lolimi kungaba amamamiki ayishumi noma ngaphezulu, inkani nje isikalo zokugcina singadluli isikalo esikhonjisiwe.

Ezingxenyeni zokubhala zenqubo yokuhlela noma inqubo yonke kufanele okungenani ibe kanye ngethemu. Ubude bemibhalo yokubhala njengoba ikhonjisiwe kusiGaba 3.4 kufanele bulandelwe.

Ukwakheka komsebenzi wokuhlola ohleliwe (fat)		Ibanga lesi- 4	Ibanga lesi- 5	Ibanga lesi-6
UkuLalela nokukhuluma		ama-40%	ama-40%	ama-40%
Ukulalela	Umsebenzi wokukhombisa ukuthi umfundi ulalele futhi waqonda, isib. ulalela futhi alandele imiyalelo/ ulalela umbhale futhi aphenhule imibuzo ngawo, ngomlomo noma ngokubhala	Ama-20%	Ama-20%	Ama-20%
Ukukhuluma	Umsebenzi wokukhombisa ukuthi umfundi angazethi ngomlomo, isib. ubamba iqhaza ezingxoxweni noma kuzinkumompandulwano/uxoxisana ngesihlokonoma ubhalo/inika imiyalelo noma izinkombandlela/uhaya inkondlo/unika inkulumbo emfushane	Ama-20%	Ama-20%	Ama-20%
NOMA				
	Umsebenzi owodwa noma ngaphezulu ohlanganisayo wokukhuluma ukhombisa ukukhona ukuqonda nolimi lokuzethula ngomlomo, isib. ulalela aphenhule axoxe futhi ngendaba/ulalela ukukhuluma aphenhule axoxisane ngakho	ama-40%	ama-40%	ama-40%
Ukufunda		Ama-30%	Ama-30%	Ama-30%
Ukufunda kuzwakale	Umsebenzi ukhombisa ukuthi umfundi ufunda ageleze, isib. ufunda kuzwakale umbhalo ojwayelekile (lithemu yesi- 1 ukuya ku-4)/ufunda kuzwakale umbhalo ongajwayelekile (lithemu yesi- 3 no-4). Lokhu kufaka phakathi imibuzo emibalwa ukuthola ukuthi ingabe umfundi uqondile okade kufundwa.	Ama-10%	Ama-10%	Ama-10%
Ukufundela ukuqonda	Imisebenzi emibili noma ngaphezulu ukukhombisa ukuthi umfundi uyakwazi ukuqonda okushiwo umbhalo futhi uyazibona izimpawu zombhalo, isib. uphendula imibuzo/uxoxa indaba futhi/uzenzela esakhe isiphetho/unikeza ukufingqa/ubeka umbono wakhe/uchaza izimpawu zombhalo. Umbhalo osetshenziswayo ungaba isiqeshana esifushane noma imibhalo yokufunda okweluliwe ngenkathi yokufunda ngokuzimela. Umsebenzi kufanele ufanele uhlobo lombhalo olukhethiwe.	Ama-20%	Ama-20%	Ama-20%
Ukubhala		ama-20%	ama-20%	ama-20%
Ukubhala kokuziqambela	umsebenzi owodwa ukukhombisa ukuthi umfundi uyakwazi ukwethula imiqondo ngokubhala, isib. ubhala uhlobo oluthile lokuqamba (olufana nendaba/ inkondlo) noma ingxenye yakho noma imisho. Umsebenzi kufanele ukhombise ukusetshenziswa kwezinhlobo zolimi endikimbeni.	Ama-10%	Ama-10%	Ama-10%
Ukubhala okuqukethe ulwazi/ kokushintshiselana	Umsebenzi owodwa ukukhombisa ukuthi umfundi uyakwazi ukunikeza ulwazi, isib. ubhala uhlobo oluthile lombhalo wasenhlalweni noma lokusebenza (olufana nombiko/iphosta/ukufakela amagama emfanisweni/imisho) noma ingxenye yawo. Umsebenzi kufanele ukhombise ukusetshenziswa kwezinhlobo zolimi endikimbeni.	Ama-10%	Ama-10%	Ama-10%

IZAKHIWO NEZIMISO ZOLIMI		Ama-10%	Ama-10%	Ama-10%
Ukusetsheniswa kolimi okuhleliwe	Imisebenzi emibili noma ngaphezulu ukukhombisa ukuthi umfundi unolwazi lwezinhloko zolimi kanye nokusetshenziswa kwazo, isib. izimapwu zokubhala ezifanele/isipelingi/ukusetshenziswa kwezingcezu zenkulumo ezifanele	Ama-10%	Ama-10%	Ama-10%
Isamba samaphesenti somsebenzi ngamunye		100%	100%	100%

4.4 UHLELO LOKUHLOLA

UHlelo Lokuhlola lwakhele ukuba lwelule imisebenzi yokuhlola okuhleliwe kuzo zonke izifundo esikoleni kulo lonke Ithemu yesi-. Uhlelo lokuhlola kufanele lwenziwe yisikole lukhombisa izinsuku ukuhlola okuzokwenziwa ngazo

4.4.1 Izidingo ngokufingqiwe

Lelithebula elilandelayo linikeza izidingo zohlelo lokuhlola ngokufingqiwe ithemu ngayinye ezimini zokwengeza zesibili:

Ithebula 4.1: amabanga 4 – 6 (UWO> Umsebenzi Wokuhlola Ohlelekile / Formal Assessment Task)

	ITHEMU YOKU- 1	ITHEMU YESI- 2		ITHEMU YESI- 3	ITHEMU YESI- 4	
IBANGA LESI- 4	UWO 1	UWO 2	UWO 3/ Isivivinyo samaphakathi	UWO 4	UWO 5	Isivivinyo sokuphela konyaka
IBANGA LESI- 5	UWO 1	UWO 2	UWO 3/ Isivivinyo samaphakathi	UWO 4	UWO 5	Isivivinyo sokuphela konyaka
IBANGA LESI- 5	UWO 1	UWO 2	UWO 3/ Isivivinyo samaphakathi	UWO 4	UWO 5	Isivivinyo sokuphela konyaka
Ukwakheka kwemaki lokugcina	Ukuhlolwa okuqhubekayo ama-75%					Isivivinyo sokuphela konyaka – 25%

4.4.2 Izivivinyo

Okuqokethwe kokuphela konyaka kufanele kuthathelwe kumsebenzi owenziwe phakathi nonyaka kanti kufanele kube umsebenzi okhethekile ozokwenza abafundi bakwazi ukukhombisa ukulungele ukubhekana nomsebenzi ngonyaka olandelayo

- Uhlolo kufanele lube nalokhu okulandelayo:
- Ukufunda indaba, kufaka umsebenzi wolwazimagama
- Ukubhala umbhalo omfishane wokuziqambela, kusetshenziswa uhlelo olufanele, izimpawu zokubhala nesipelingi
- Ukubhalwa kombhalo omfishane wokuvumelana, kufaka ukusetshenziswa kohlelo olufanele, izimpawu zokubhala nesipelingi
- Ulwazi nokuqonda uhlelo, izimpawu zokubhala nesipelingi
- Amakhono okulalela nokukhuluma angeke kuhlolwe njengengxenywe yokuhlola njengoba lokhu kubonakala emva kwesikhathi eside uma kuhlolwa

Ukukalwa kwamamaki okuhlola kumi kanje:

	Ibanga 4	Ibanga 5	Ibanga 6
Ukufunda isifundo sokuqondisisa	60%	60%	50%
ukubhala	25%	25%	35%
Izakhiwo nezimiso zolimi	15%	15%	15%
Isamba samaphesenti	100%	100%	100%

4.5 UKUQOPHA NOKUBIKA

UkUbhala yinqubo lapho uthisha ebhala phansi izinga lokusebenza komfundi kumsebenzi othile. Kukhombisa ukuqhubeka komfundi ekutholeni ulwazi njengoba kumiswe yiNqubomgomo Yesitatimende soHlelo Lwezifundo. Amarekhodi okusebenza komfundi kufanele ahlinzeke ngobufakazi bokuthuthuka komqondo womfundi ebangeni kanye nokulunela kwakhe ukuqhubekela kanye nokudluliselwa kwelinye IBANGA LESI-. Amrekhodi okusebenza kwabafundi kufanele asetshenziselwe ukuqinisekisa ukuqhubeka okwenziwe ngothisha nabafundi enqubeni yokufundisa nokufunda.

Ukubika kuyinqubo yokudlulisela ukusebenza komfundi kubafundi, abazali, isikole kanye nabanye oabanotho. Ukusebenza komfundi kungabikwa ngezindlela eziningi. Lezi zindlela zimbandakanya ikhadi lokubika, imihlangano yabazali, isinzuku zokuvakashela isikole, imihlangana phakathi kukathisha nomzali, ukushaya izincingo, izincwadi, amanyuziletha ekilasi noma esikole, njll. Othisha kuwo onke amazanga babika ngamaphesenti bewaqhathanisa nesifundo. Amazanga ayisikhombisa achaziwe echazelwa isifundo ngasinye kumaBanga R - 12. Amazanga ahlukeneyo okuphumelela kanye nambhande amaphesenti ahambisana nawo kubonisiwe kwiThebula elingezansi.

AMAKHODI NAMAPHESENTI OKUBHALA NOKUBIKA

IKHODI YOKUBEKA NGEZINGA	UKUCHAZWA KOKUFANELEKA	AMAPHESENTI
Lesi-7	Uphumelele ngamalengiso	80 – 100
Lesi-6	Uphumelele kahle kakhulu	70 – 79
Lesi-5	Uphumelele kahle	60 – 69
Lesi-4	Uphumelele ngokwanele	50 – 59
Lesi-3	Uphumelele	40 – 49
Lesi-2	Uphumelele ngokungagculisi	30 – 39
Loku-1	Akaphumelelanga	0 - 29

Qaphela: Isikalo samaphusu ayisikhombisa kufanele sibe nezichazi ezicacile ezinika ulwazi olwanele lezinga ngalinye.

Uthisha uzorekhoda amamaki okuyiwona ewaqhathanisa nomsebenzi esebenzi ishidi lokurekhada; futhi arekhode amaphesenti ewaqhathanisa nesifundo kumakhadi okubika abafundi.

4.6 UKUQINISEKISWA KWEZINGA LOMSEBENZI WOKUHLOLA

Ukulawula kusho inquboyokuqinisekisa ukuthi imisebenzi yokuhla ayenzeleli, ifanele futhi ithembekile. Ukulawula kufanele kwenziwe emazingeni esikole, esifunda, esifundazwe nozwelonke. Izinqubo eziphelele nezifanele zokulawula kufanele zibe khona ukuze kuqinisekise ikhwalithi kukho konke ukuhlolwa kwezifundo.

Abalawuli ezingeni lesikole kufanele babeke imibono ngekhwalithi ukuze ukuqinisekise ukuthi izinqubo zokuhlola esikoleni zenziwa ngcono. ukulawula kungke kube nje isenzo sokuqapha ukuhlola ukuthi inani elifanele lomsebenzi lenziwe noma imemorandamu isetshenziswe kahle. Ezilimini kusho ukuthi umlawuli uzonika umbono omuhle, kokunye, ngezinga lemibuzo ekuhlolweni kokuqonda; ukuvama kokubhala okweluliwe; ikhwalithi yamathuluzi okuhlola kanye namathuba okuthuthuka anikezwayo, kanye nokusebenza kukathisha ngezincwadi zokusebenzela zabafundi kanye nobufakazi bokusebenza komfundi.

Inqubo yokulawula kufanele iqinisekise ukuthi ukubeka ngamazinga okunikeziwe kuyahambelana kuwo onke amakilasi ebanga, kanye nawo omke amabanga ezinga. Isibonelo, izinga 3 elinikwe nguthisha oyedwa kufanele limele izinga elifanayo lwekhono nolwazi njezinga elifana elinikwe ngomunye uthisha. Ngakho-ke kubalulekile ukuba iziNhloko Zesifundo zilawule njalo.

4.7 OKUJWAYELEKILE

Lo mqulu kumele ufundwe umbandakanywa nale miqulu eminye elandelayo:

4.7.1 *National policy pertaining to the programme and promotion requirements of the National Curriculum Statement Grades R – 12; and*

4.7.2 The policy document, *National Protocol for Assessment Grades R – 12*.

IZINCAZELO ZAMAGAMA

I - akhronimi/igamamfingqwa - igama eliphimisekayo elakhiwa ngokusebenzisa uhlamvu/izinhlamvu zokuqala zalelo gama noma lowo mushwana (e.g. uTHAFUZWE).

ULimi lokwEngeza (bheka **noLimi LwaseKhaya**) - ulimi olufundwayo kwengezwa kolwasekhaya lomfundi.

Ubuliminingi obengezayo - nxa umuntu efunda ulimi (noma izilimi) ukwengeza olimini lwakhe lwasekhaya. Lolu limi aluthathi isikhundla solimi lwasekhaya kodwa lufundwa kanye nalo. Ohlelweni lokufunda ubuliminingi obengeziwe, ULimi LwaseKhaya liyaqiniswa lugcinwe, ngenkathi olunye ulimi olufundwayo luthathwa njengolimi olwengezwayo nje (isib. Zonke izilimi ezengeziwe, kumbandakanya uLimi lokuFunda nokuFundisa, zifundiswa zihambisana noLimi lwasEkhaya, kodwa azithathi isikhundla salo.

Amagama asho okufanayo - (Njengoba eqhathaniswa nalawo asho okuphikisanayo), amagama amqondofana.

I - anekhdothi - lokhu yindatshana ngesehlakalo esake senzeka empilweni yokhulumayo, exoxwa kuphela ngenhloso yokucacisa okuthile noma - ke ukujabulisa, ukuhlelisa noma ukuqgamisa umlingiswa othile.

Amagama aphikisanayo - yigama eliphikisa elinye kulolo limi (isib. khala - hleka) ukufaneleka - ulimi lusuke lufanelekile uma lusetshenziswe ngendlela ehambisana nesimo

Ukuhlola - indlela ehlelekile neqhubekayo yokuthola ulwazi ngamakhono omfundi okwenzeka ngezindlela ezehlukene.

Umsebenzi wokuhlola – umsebenzi osetshenziselwa ukuhlola abafundi onenani elithize lemisetshenzana noma izingxenye

Isihloko esichaza indaba - lesi yisihloko noma ukuphawula esinanyekwe ngenhla noma ngezansi kwe - athikili, kwesithombe njll.

Ifanankamisa - 1. lisho ukuphinda (ngokuvamile), umsindo wonkamisa abafanayo emagameni amabili noma ngaphezulu (Isib. Yasho^{sho}loza intingino^{no} ewumondo^o).

Izethameli - (1). Umfundi, umlaleli, umbukeli oqondiwe umbhalo othize, lapho kwenziwa uhlaka lwesiqeshana esilotshwayo izikhulumi/abalobi kumele bacabange ngenhloso nezethameli lapho bekhetha uhlobo lokubhalwayo. (2) empeleni izethameli yilabo bantu abeze ukuzobukela umdlalo noma umculo.

Imibhalo eyiqiniso - imibhalo ekwaziyo ukuhambisana nempilo ephilwayo, nokwenzeka kwezinto. (Isib. amaphephabhuku, ama - athikili, amaphephandaba, okuqoshiwe emsakazweni nakumabonakude, izikhangiso, amalebuli emikhiqizo, amabhrosha okuvakasha, amafomu akwahulumeni, izibonelo zezincwadi zangempela).

Ukuchema - (1) Umkhuba wokuthanda into noma umbono ngaphezu komunye, lokho bese kuholela ekuthini umuntu angabe esakwazi ukuthatha isahlulelo esifanele.

Isihloko esichaza indaba - lesi yisihloko noma ukuphawula esinanyekwe ngenhla noma ngezansi kwe - athikili, kwesithombe njll.

Isisusa - (bheka **nomphumela**) - yilokho okudala udweshu nesimo.

Ukucacisa - ukwenza ukuthi umqondo wetheksthi uzwakale kofundayo.

Umushwana - isibonelo “indoda eyayigqoke ihembe elibomvu yabaleka” Umushwana oyinhloko - “indoda yabaleka”. Amagama athi “ eyayigqoke ihembe elibomvu”, umushwana okhonzile. Awukwazi ukuzimela wodwa nanxa sikhona isenzo kuwona. Imishwana ekhonzile iqala ngesihlanganiso (uma kuwumushwana okhonzile omele isizathu). Eminye imishwana ekhonzile iqala ngezivumelwano zesichasiso; isib. (e.) “eyayigqoke...” (u “ e ” isiv. sesibaluli). Sihlanganiso sihlanganisa umushwana nomusho, siphinde sihlanganise imisho emibili ephelele.

Uvuthondaba –ingxenye ejabulisayo, ephumelelayo noma esemqoka yendaba.lengxenye esemqoka ayichazi isiphetho.

Imibuzo evalekile – imibuzo edinga impendulo eqondile. Isibonelo, ‘Uyalithanda itiye?’ Impendulo kumele kube ‘yebo’ noma ‘cha’. ‘Uneminyaka emingakhi?’ Impendulo kumele kube, isib. ‘Ishumi’.

Ukuzwakala - (1) ikhono lokwazi ukuqonda nokweneka ngohlelo izindaba, yikho okwenza ubudlelwano obuhlanganisa kahle imibono ukuze isigaba sinikeze umqondo ozwakalayo nobumbene. (2) Kungabuye kusho ukuba nolwazi olwenele lohlelo, ukuze kwedluliswe kahle umlayezo, noma - ke isakhiwo esihle somusho. Uma uhlelo luxovekile, umusho awuzwakali kahle.

Ukulandelana - ukuhlanganiswa kwemisho noma izigaba ngezihlanganiso, izabizwana nokuphindaphinda.

Fanisa (bheka no - qathanisa) - ukubheka lokho okwenza ukuthi izinto zifane.

Udweshu - ukungqubuzana noma ukwehluka kwemibono yabalingiswa endabeni kanye nezimo zabo; udweshu emibhalweni lungabangwa nawukungqubuzana kwezifiso noma lokho umuntu akwazisayo noma akukhonzile.

Isihlanganiso - igama elisetshenziswa ukuhlanganisa imisho (Isib. UNoxolo ungumdlali ovelele esikoleni futhi uzimisele nasezifundweni zakhe).

Amaklishe - amagama asetshenziswa ngokweqile, afakwe nje noma kungasafanele (Isib. Izingane uma zikhuluma ziyathanda ukuphindaphinda la magama: “Kusho ukuthi..., “ nalapho kungasadingekile).

Izimo - ngaso sonke isikhathi, imibhalo ibhalwa isetshenziswe ezimweni ezithile, isimo simbandakanya indawo eyendlalekile kanye neqoqekile, kuhambisana nezimo zasekuhlaleni, isikompilo kanye nezepolitiki, isimo singabuye sisho lokhu okuza kuqala noma ngemuva kwegama noma kombhalo.

Izinkomba kwingqikithi –ukusetshenziswa kwamagama azungeze igama elingaziwa ukuthola okushiwo igama. Ielisu lokufunda lingafundisa ngokuhlanganyela nolwazimagama.

Ukufanisa (bheka **nokuqathanisa**) - ukubheka indlela izinto ezehluka ngayo.

Izimiso - imithetho nemikhuba eyamukelekile olimini. Ezinye izimiso ziyasiza ukwedlulisa umlayezo (isib. imithetho yohlelo, izimpawu zokukhuluma, uhlobo oluthile lokubhala izinhlamvu nosonhlamvukazi.); ezinye zisiza ekwethuleni okuphethwe (isib. okuqukethwe, isimo sombhalo, izihloko, izenezezelo, amashadi, izihloko ezichaza indaba, izinhlu, izithombe nezinamba, ezinye izimiso zikhombisa amaphethini olimi asaphenduka umthetho okumele ulandelwe (isib. ukubingelela nokunye).

Ukuhlola okuqhubekayo - ukuhlola imisebenzi yabafundi okwenziwa kusukela unyaka uqala uze uyophela.

Ukuqwashisa ngobumqoka bolimi - ngokuhlolisisa ukuthi umqondo wakhiwa kanjani, ukukhumbula amandla obudlelwano obukhona phakathi kwezilimi, kwenza umfundi aqine angavumi ukukhohliseka, futhi asebenzise ulimi ngokuqaphela.

Inkulumo - mpikiswano - lapha amaqembu amabili ayaqophisana. Bonke bahlose ukuheha abehlulelayo kanye nezethameli ukuthi icala labo yilo elizwakala kangcono kunalelo lelinye iqembu.

Incazelo eqondile (bheka **negudliselayo**) – incazelo eqondile yegama.

Igama elisuselwe kwelinye - leli yigama elisuselwe kwelinye, noma emsukeni; ngokwejwayelekile lakhiwa ngokuphongoza nangokujobelela izakhi

Ulimi lwesifunda/lwesigodi - ulimi olusetshenziswa ngumphakathi othile, luyehluka kwezinye izinhlobo zalo lona lolu limi ngokwamagama, isakhiwo nokuphinyiswa kwamagama.

Isakhiwo esisusa usinga - (1) indlela elandela izwi nezwi okubhalwa ngayo imidlalo. (2) ukuhleleka kwesakhiwo zigcawu nezinkundla, abadlali kanye nezimpawu zolimi emdlalweni.

Ukwakha isiphetho – ukusebenzisa umkhondo obhaliwe noma obukwayo ukuthola lokho okungagagulwanga embhalweni.

Ukulungisa amaphutha - inqubo yokuphindaphinda ubhala uhlaka lwetheksthi, kuhlangele nokulungisa uhlelo kanye nokusetshenziswa kolimi, izimpawu zokubhala, ukulungisa isipelingi, ubuye ubheke nokubhala imibono ngendlela ezwakalayo nesakhiwo silandelane kahle.

Umphumela (bheka **isisusa**) - umphumela wesehlakalo noma isimo.

Ulimi oluthinta imizwa - ulimi oluvusa imizwa kolalele/kofundayo.

Umlayezo osobala (uma uqhathaniswa **nocashile**) - umlayezo oqondile nosobala.

Hluza: nikeza uvo lwakho, thatha isinqumo, yakha imibono ngokufundile.

Izifengqo (njengoba kuqhathaniswa nolimi olubheka ukulandelana nje kwamagama) - amagama noma imishwana esetshenziswa ngendlela engabeki izinto obala (isib. isifaniso, isenzasamuntu, isingathekiso njalonzalo).

Ukugeleza - leli yigama elathathelwa ekugelezeni komfula elisho ukunamathelana nokulandelana okunikeza ulimi ubunjalo balo ngokwemvelo, ukusetshenziswa nokuhunyushwa kwalo kalula.

Inkundla - iqembu lingakhuluma noma liqophisane nelinye lakwesinye isikole, noma ekilasini, ngokwehlukana abafundi ngamaqembu amane, kube yilowo nalowo akhulume ngengxenywe ethile yesihloko. Owahlulelayo usezobheka ukuthi yiliphi eliphuma phambili.

Izinhlobo zemibhalo - imibhalo yehlukaniswa ngezinhlobo zawo; kungaba inoveli, umdlalo, izinkondlo, incwadi yomsebenzi noma incwadi yobungani

Ukukhuluma ngezitho zomzimba - kulapho okhulumayo esesebenzisa ubuso noma isitho esithile somzimba ukucacisa lokho akushoyo (isib. anganqekuzisa ikhanda ekhombisa ukuvumelana nokushiwoyo).

Umbhalomdwebo - umbhalo owethulwe ngemidwebo (ukudweba noma ukubumba okuthile).

Ukufunda okuholwayo – umhlangano weqembu wokufunda lapho bonke abafundi besezingeni elifanayo uthisha ngokufunda ukufunda ukuze kuye ngokukhula ukuzimela abafundi

Ukubhala okuholwayo –kufaka umuntu oyedwa noma amaqembu amancane abafundi bebhala izinhlobo ezihlukene zemibhalo emuva kwesifundo esifishane esenziwe nguthisha ngezinhlobo zokubhala njenge: simo, izimpawu zokukhanyisa, ukusetshenziswa kolimi noma isipelingi

Imibuzo esezingeni eliphezulu – imibuzo edinga ukuthi umfundi ahlanganise ulwazi oluvela ezingxenyeni ezihlukene zombhalo (sbi. Ukuhlela umqondo), ukucabangela (isib. Ukuthola lokho okungagagulwanga), ukuhlolisa okwenzekile (sib. Nika umbono) kanye/noma ukuncoma umbhalo (isib. Shono ukuthi ukuthandile noma awukuthandanga nokuthi kungani)

ULimi LwaseKhaya (bheka **noLimi lokuQala lokwEngeza**) - ulimi olufundwa yingane ngokulingisa ekhaya, ulimi esicabanga ngalo.

Omabizwafane – amagama abizwa, apelwe ngendlela efanayo kodwa achaza okuhlukene (isib. inyanga')

Umfanekiso –isithombe noma okumele into ethile

Umfanekiso - mqondo - amagama, imishwana nemisho eyakha izithombe engqondweni; isib. Isifaniso, isingathekiso, nesenzasamuntu.

Okushiwoyo (uma kuqhathaniswa **nokucacisiwe**) yilokho okuqondiwe etheksthini kodwa kube kungabekiwe kwagqama.

Okusobala (uma kuqhathaniswa **nokufihlekile**) - ukubeka inkulumo ngendlela elula neqondile kusetshenziswa amagama njengoba enjalo.

Uhlanganisa – lo umthetho wemfundo othi umuntu unelungelo lokufunda. Okuncane okudingekayo kubafundi bonke kucacisiwe ukuze labo abanezidingo ezingavamile, izidingo ngokwemizwa nangokomzimba balungiselelwe.

Izinga lokufunda ngokuzimela – izinga lapho umfundi engafunda umbhalo ngama-95% ngokuyikho (isib. Kungabi namaphutha angaphezu kwelilodwa emagameni angama-20 afundiwe).

Ukucabangela - ukusebenzisa umkhondo obhaliwe noma obukwayo ukuthola lokho okungagagulwanga embhalweni.

Ukuhlongoza - ukuqala ukwenza into (isib. ukuqala ingxoxo)

Ukuxoxisana kwababili - umsebenzi wokuqoqa ulwazi noma ingxoxo yabantu yobuso nobuso ngenhloso ethile.

Ubuvuyoviyo - (1) (ukusho ngephimbo lokucula) - iphethini lephimbo lenkulumo elibonisa izakhiwo zohlelo njengemisho nemishwana. (2) Lokhu kuphinda kusize ukwehlukanisa phakathi kwesitatimende nombuzo, kuveze nemizwa nesimo sokhulumayo.

Izindlela ezahlukene zokusetshenziswa kolimi - lokhu kwenzeka uma kukuncane kakhulu okuzuziwe olimini maqondana nolwazimagama, ukwakhekha nokuphinyiswa kwawo, lokhu - ke kuyehluka ngokwezindawo lapho ulimi lukhulunywa khona.

Amalitheresi - izinhlobo ezehlukene zemibhalo (isib. ehlolisisayo, ebukwayo, amagrafu).

Ukwazi ukufunda nokubhala - ikhono lokwazi ukufunda nokubhala nokusebenzisa ulwazi ezimweni nangezinhloso ezehlukene, nokubhalela izinhloso ezehlukene. Ukwazi ukuguqula Imibhalo ebhalwe ngamagama angejwayelekile kube ajwayelekile, ukuze umuntu oqonde ngendawo aphila kuyo.

Incazelo eqondile (bheka negudliselayo) - incazelo yegama ngokulandelana kwamazwi

Imibuzo esizingeni eliphansi – imibuzo efuna umfundi akhumbule imininingwane, isib. obani abalingiswa abasemqoka endabeni? Ubani igama lomlingiswa osemqoka ?

Ulimi olukhohlisayo - ulimi olunamandla lokuthi umuntu akholwe futhi ebe engaboni ukuthi uyakhohliswa, isib. Inkulumo yezepolitiki, inkulumo yokuthengisa, isikhangiso njll.

Ulimi lwemibhalo - ulimi olusetshenziswa lapho kukhulunywa ngemibhalo kumbandakanya amagama afana nesimo, isitayela, isakhiwo nenkulomompendulwano.

Amasu obuciko bokukhuluma - amasu afana nokusebenzisa ikhefu, ukuphindaphinda okusetshenziswa isikhulumi sibeke inkulumo ngendlela ezwakalayo nevumisayo. Amanye amasu kungaba akhohlisayo, ukuze umuntu avumelame nawe.

Imibhalo esebenzisa izinhlobo eziningi zokuxhumana - izinhlobo zezilinganiso okungaba ezibhaliwe, ezibonwayo, imisindo amavidiyo njll.

Ifuzamsindo - lapha kusetshenziswa igama elimsindo walo ufana nomsindo lowo uchazwayo. Lilingisa umsindo owenziwa yinto ethile ephilayo noma engaphili. Lowo umsindo ofuze umsindo owenziwa enye into (Isib. UMelusi wavuswa ubugodlogodlo besitmela).

Umoya - isimo somoya embhalweni, ukhombisa imizwa noma isimo senqondo yomlingiswa, kuphinda kusho nesimo esivezwa amatheksthi abonwayo, azwakalayo kanye nalawo esebenzisa izinhlobo eziningi zokuxhumana.

Ifonti - uhlobo nobungako bezinhlamvu ezisetshenziswa lapho kubhalwa ngomshini (isib. I - 12pt (ubungako) iTimes New Roman (uhlobo nesitayela sezinhlamvu).

Ukulanda - ukusho izehlakalo ezihlangele ezikhulunywayo noma ezibhaliwe zishiwo ngokulandelana kwazo, endabeni.

Isifanekiso - (1). ukuthola ukufana ezintweni ezibukeka zihlukile. (2) ukuthola ukufana ezintweni ezibukeka zihlukile, indlela yokuchaza okuthile, kodwa akusibona ubufakazi. Qaphela isifanekiso okungesona. Kumele kube nokuqondana okucacile phakathi kwento echazwayo kanye nemininingwane yaleyo okufanekiswa nayo.

Indida - ukubeka inkulumo ngendlela ephicayo engqondweni.

Imibuzo evulelekile – imibuzo engaphendulwa ngezindlela ezihlukene; umfundi kufanele aphenule imibuzo ngawakhe amagama. Isibonelo, ucabanga ukuthi kungani umfana ebalekile? Ucabanga ukuthi bokumele enze njani?

Okzimoroni - ukusetshenziswa kwamazwi ndawonye amqondo wawo uphikisanayo, asetshenziswa ngehloso yokuveza okuthile, ngokwejoyalekile asetshenziswa nezichasiso ezichaza ibizo elimumethe umqondo oliphikisayo. (Isib. UJabulani ukhathazwa ubugqili benkululeko).

Izingxoxo zamapheneli - kwakhiwa amaqembu azoxoxisana ngesihloko, kuphendulwe imibuzo ngomsebenzi.

Isihlonipho - igama elisetshenziswa endaweni yelinye elihlambalazayo. (Isib. Ukudakwa - ukusutha, ukuhlanza - ukubuyisa).

Izwi lomxoxi - yizwi lomuntu oxoxa indaba (isib. kuyabonakala uma kungumuntu wokuqala “ngi...” okunguyena mlingiswa endabeni, noma umuntu wesithathu lapho umxoxi ekhuluma ngo “u...”, no “ba...”.

Isingathekiso - ukukhuluma ngokufanekisa izinto ezingafani ubiza into ngenye (Isib. USinenhlanhla akamuhle yilanga liphuma).

Ukuhalamuza - Ukufunda ngesivini esikhulu, ukha phezulu, ufunda izihloko ngenhloso yokuthola masishane ukuthi kuthiwani.

Ukufunisela - ukusho okuqondiwe kodwa kungacacisiwe etheksthini, uze usho nokuthi kungahle kwenzekeni ngemuva kwalokho.

Ukucwasana - ukungabekezelelani nokwahlulela umuntu noma iqembu labantu, umbono noma umbango.

Ukuzwakala - ukukhipha izwi ngokukhulumela phezulu, ngendlela ezwakalayo, ecacile nexhumana kahle nezethameli.

Ukushicilela— uma abafundi beshicilela umsebenzi wabo, bawenza waziwe ngokwabelana ngawo, isib. Ngokuwunika uthisha, ngokuwuphanyeka odongeni noma kwibhodi yezaziso.

Uteku - ukudlala ngamagama aphemiseka ngokufanayo ukuze kuhlekwe noma ukwethula izimo nezinto ngendlela ehlekisayo nekitazayo.

Irejista - ukusetshenziswa kwamagama ehlukeni, isitayela, uhlelo iphimbo ithoni ezimweni ezihlukene (isib. imiqulu yakomkhulu ibhalwa kusetshenziswa irejista esemthethweni, ebekelwe izimiso).

Ukubika - (okuhlelekile nokungahlelekile), ukunikeza ulande ngokwenzekile (isib. ngengozi eyenzeke ubhekile).

Ukuphinda ufunde - ukuphinda ufunde yisu elipha nofundayo ithuba lokuthi agcine eseqonda lokho okubhalwe etheksthini.

Ukuphinda usho - leli yisu lokufunda lapho umfundi exoxa futhi, afingqe umqondo wesahluko noma wesiqephu, angakwenza ngomlomo noma ngokubhala.

Umkhondosimo - ukusetshenziswa kwegama elincike kulelo elingaziwa ukuze kufuniselwe umqondo. Leli lisu lokufunda lingasetshenziswa kanye nesifundo solwazimagama.

Umgqumo - amagama noma imigqa esebenzisa ukuvumelana kwephimbo ekugcineni kwemigqa.

Ukubhuqa - inkulamo esebenzisa amazwi aziswana ngenhloso yokucasula noma yokuhlekisa ngomuntu.

Umbhinqo - ukusebenzisa amazwi achaza okuthile kepha kube kuqondwe okuphambene nawo. Kusuke kusetshenziswe amazwi okuncoma kuqondwe ukugxeka (Isib. Kuyabonakala ukuthi bekuhlala inono kule ndlu yiko kungcolile: kuqondwe ukuthi bekuhlala inuku).

Ukufunda ngokukha phezulu - ukuhambisa embhalweni ukuze uthole imininingwane ebalulekile yokwesekela (isib. ukufunda ngokushesha umqulu wamagama nezinombolo zezingcingo).

Ukufunda ngokuhlanganyela – umsebenzi lapho abafundi befunda ngokuhlanganyela umbhalo okhulisiwe nothisha. lesi isifundo sekilasi lonke. umbhalo osetshenziswayo uqonde iqembu eliphezulu ekilasini. abanye abafundi bazoba sezingeni lokulalela, abanye bazobe beqala ukufunda kanti abaningi bazobe befunda ngokuphelele. lombhalo uzosetshenziswa izinsuku eziningana. njalo ngosuku uthisha uzokhetha okusha okuzogxilwa kuko. umbhalo usetshenziselwa ukwethula isimo sombhalo, imisindo, ukusetshenziswa kolimi kanye namakhono okufunda engqikithini..

Isifaniso - lapha kuqhathaniswa izinto ezimbili ezingafani ngoba kukhona okuthile okunobudlelwane phakathi kwazo. Sandulelwa yizakhi zokufanisa o - njenga -, fana, kuhle, okwe -, - sa - (UTHuthukile muhle kuhle kwelanga liphuma).

Ukufunda ngokushesha - ukufunda umbhalo ngesivivini esikhulu ukuze kutholakale umqondo osemqoka (isib. ukufunda izihloko, izingeniso nezigaba zokuqala zephephandaba ukuze wazi izindaba ezisemqoka).

Inkolelo engaguquki - lena yinkolelo esezimpandeni maqondana neqhaza okumele libanjwe ngumuntu othile.

Icebo - indlela ethile yokwenza noma yokulungiselela ukuxazulula inkinga.

ukugcizelela (egameni noma emushweni) – ukugcizelela ilunga elithize egameni noma igama emushweni.e

Isitayela - indlela umbhali ahlela ngayo amagama ukuze afeze izinhloso ezithile. Isitayela sihlanganisa ubunjalo bombhali nombono afuna ukuwubeka. La malungiselelo ambandakanya ukukhethwa kwamagama wumbhali kanye nezakhiwo nobungako bemisho, iphimbo, nokusetshenziswa kombhinqo.

Uphawu - igama elithatha noma limela indawo yenye into

Umabizwafane - yigama elibhalwa ngekufana liphinyiswe ngokufana, kodwa lisho izinto ezingefani. (isib. **Ibala** - igceke, **ibala** - isibazi).

Ukuhlelwa kwemiqondo - ukuhlanganisa imiqondo/imibono ethathwe emithonjeni yolwazi eyahlukene. Isifengqo saleyo mibono ehlanganisiswe.

Umbhalo - isitatimende noma okuqanjiwe okwethulwa ngomlomo, okulotshiwe noma okubukelwayo ngenhloso yokuxhumana.

Inggikithi - umongo walokho okuxhunywana ngakho. Itheksthi ingaba nomongo ongaphezulu kowodwa, futhi kungenzeka ungabi sobala.

Iphimbo - iphimbo ledlulisa umyalezo wamatheksthi ethulwa ngomlomo. Ematheksthini alotshiwe iphimbo lizwakala ngamagama awakhethile umlobi ukuze aveze isimo sakhe. Ezithombeni zebhayisikobho iphimbo lingakhiwa ngomculo noma indlela umdlalo ohleleke ngayo esiteji.

Imibhalo edlulisa imiyalezo – imibhalo yomsebenzi (isib. izincwadi, amaminiti emihlangano, imibiko, imibhalo eyenziwe ngezikhahlezi)

Ukunikezelana amathuba - izinqubo ezizimase ukunganqamuki kokuxhumana kwabantu ababili, njengokunikeza abanye ithuba lokubeka imibono yabo, ukuphinda okushoyo ukuze okuqondiwe kucace, ukungena nxa kusaxoxwa ukuze kubuyiswe abedukayo, ukwenanela ngemibuzo ukuze kucaciswe okuthile.

Imibhalo ebonwayo - izinto ezibonakalayo ezedlulisa umlayezo (isib. imifanekiso yamafilemu, izithombe, okugqanyiswa ngekhompyutha, izilinganiso amakhathuni kanye nemidwebo yokupendiwe).

Izwi - indawo yomlobi, ngenkathi kufundwa kubukelwe, ofundayo uyakwazi ukuthola umbono wombhali kanye nenhloso yakhe.

Isu lokuhlasela amagama - isu elisetshenziswa uma kufundwa amagama angaziwa (isib. Ukulingqamula igama ngamalunga kuphinde kubhekwe iziphongozo nezijobelelo zalo, kufuniselwa incazelo).

